# *IMbewu YeSibonakaliso Sesikhathi Sokugcina*

Ngiyabonga, Mnumzane.

2 Sanibonani kusihlwa, bangane. Kuyinhlanhla ukuba lapha kulobubusuku, futhi, e—eTifton. Lokhu kuthi akube ngukumangazwa okukhulu kimi. Ngitshele umngane wethu omuhle uMfowethu Welch Evans, esikhathini esithile esedlule ngenkathi ngiqala ukukhathala kancane, ngathi, "Ngiyehla nge-Tifton ukuze ngiyodoba." Futhi ngathi, "Lapho ngifika, ngizohlangana nawe laphaya ndawondawo, futhi sizoba," ngacabanga, "umhlangano womkhuleko wasekotishi." Futhi nangu yena...Ngizithola ngilapha ehholo elikhulu lesikole kulobubusuku.

3 Nokusha iphimbo kancane ngenxa yoku—ngenxa yokukhuluma ngokweqile. Ngibe nentshumayelo emfushane izolo, amahora ayisithupha kuphela ubude, inqobo nje uma ngisashumayela. Ngakho, manje, anginesabisi, ngeke ngibe mude kangako kulobubusuku, ngiqinisekile ngalokho.

4 Kodwa ngokusha izwi kancane futhi—futhi ngidlula, kodwa kuyinhlanhla ukuba lapha nokwazi ukuhlangana nalomelusi okahle osanda nje kunikeza isingeniso esihle kangako, sasebukhosini, futhi siyajabula ukuhlangana nabantu njalo.

5 Futhi inkulumo umzalwane asanda kuyenza iyiqiniso ngokoqobo, singasho ukuthi, "Amen," kukho, ngoba udeveli, kulezizinsuku zokugcina, banjengengonyama ebhongayo, ehamba ngapha nangapha eshwabadela noma yini angayithola ukuba ayishwabadele, ngoba uyazi ukuthi isikhathi sakhe sifushane. Akanaso isikhathi eside kakhulu sokukwenza, ngakho ufanele akwenze ngenkathi esenesikhathi sokukwenza.

6 Ngiyasithanda isimo salelihholo elikhulu elincane. Sibonga kakhulu ebhodini lesikole, uthishanhloko, nalabo ababe nomoya omuhle ukusivumela ukuba sibe nalo, ngenxa yenu bantu abakahle enilapha ngokubambisana kulomhlangano ohlelwe okwesikhashana. Futhi noma ngabe ngubani obeke umata omncane wokwamukela phandle lapha esitaladini, ngiqaphelile, awu, lokho bekukuhle kakhulu, ngicabanga ukuthi uMfowethu Willie *ngapha* bekunguye, ukwenzile lokho, futhi ngiyakuthakasela.

7 Ngingathanda, mhlawumbe, uma iNkosi ithanda, ngesinye isikhathi lapho esingadlula khona okwenkathi yezinkonzo,

tholana nalomelusi omuhle nabanye lapha, futhi uhlele umhlangano wobusuku obune noma obuhlanu, lapho besingayikhangisa khona ngokwanele, sihlanganise onke amabandla, ngoba, niyazi, siyadingana khona manje, ngaphezu kwalokho esake sakwenza kuwo wonke umlando womhlaba kumanje, amakholwa asebukhosini angempela, siyadingana. Futhi ngakho ngi. . . Kuhlale kuyisibusiso nomaphi lapho uya khona futhi uhlangane nabantu bakaNkulunkulu, kuyisibusiso yonke indawo.

8 Ngiyabona sinentsha laphaya. Bengibuka umfana nentombazane encane behlezi lapha emizuzwini embalwa edlule esihlalweni esingaphambili, abafo abancane abahle kunabo bonke, izinto ezincanyana, behlezi phezulu lapho kahle nje; ngiyakuthanda lokho. Abantwana, kukhona okuthile ngabantwana okumsulwa futhi okunomoya omuhle, ngi— ngiyakuthanda lokho.

9 Futhi manje, ngiyabonga kakhulu ngokuphuma kulobubusuku. Manje, ngicabange ukuthi kuzoba kuhle, kulobubusuku, uma nje sithathe isikhathi sethu, futhi sahlwanyela enye iMbewu leyo. . . yeZwi leNkosi. Futhi izolo ngishumayele leli amahora ayisithupha ngendaba ethi: *IMbewu Yasekuqaleni YeZwi*. Futhi siyilethe kusukela kuGenesise kuya eSambulweni, emuva naphambili eteyipini yamahora ayisithupha ukuthi, uhlelo lukaNkulunkulu lwaluyini, ukuthi Uyini, nokuthi iZwi likaNkulunkulu elikhulunyiwe liyiMbewu kaNkulunkulu kanjani, neBhayibheli lakusho lokho, ngale kuLuka, ukuthi iZwi likaNkulunkulu liyiMbewu umhlwanyeli ayihlwanyela.

10 Futhi manje, siyazi ukuthi noma yiliphi igama elihlwanyeliwe lifanele liniselwe ngaphambi kokuba liveze isivuno salo. Kodwa lapho amanzi ewela emhlabathini, akunandaba ukuthi hlobo luni lwembewu ekulowomhlabathi, iyoveza inhlobo yayo, ngoba uNkulunkulu wathi kuGenesise 1:11, "Yonke imbewu mayiveze inhlobo yayo. Ukuthi into ngayinye. . ." Futhi lapho amanzi ehla, amaHeberu, isahluko 6, sithola ukuthi i—imvula ifika kaningi phezu komhlaba ukuwunisela, ukuwulungisa, ukuveza isithelo, kodwa ukhula namakhakhasi, ne—nezinto ezisemhlabeni ziphuma ngamanzi afanayo, kodwa, "Naziwa ngezithelo zabo."

11 Ngakho-ke amaKristu aziwa ngezithelo zikaMoya oNgcwele, yilokho okubusa ukuphila komKristu, kufakazela lokho ayikho. Futhi isithelo sikaMoya luthando, ukujabula, ukuthula, ukukholwa, ukubekezela, ukulunga, ubumnene, nobube-. . ., ukukhuthazela kuMoya oNgcwele, lezozithelo zizibonakalisa ngamaKristu.

12 Manje, sitholile izolo, ukuthi phakathi lapho ukuthi imbewu eyahlwanyelwayo, imbewu yokungezwani, lowo

kwakunguSathane owahlwanyela ukungezwani lapho etshela u-Eva amanga. Futhi sithola ukuthi ukungalikholwa iZwi elilodwa likaNkulunkulu, elikhulunyiwe, kwabangela konke ukufa okwake kwaba khona, konke ukugula, nayo yonke lenkathazo, ukukholwa ngokungesikho iZwi elilodwa nje. AkaLi*kholwanga* ncamashi, wazama ukuxuba into ethize naLo, futhi akukho okuyoxubana neZwi likaNkulunkulu, Lifanele libe yilokho, ngoba LiyiMbewu yasekuqaleni.

13 UNkulunkulu uPhakade, futhi uNkulunkulu uyiZwi, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama phakathi kwethu."

14 Manje, uNkulunkulu neZwi laKhe unguMuntu ofanayo; cabanga ngakho. Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu uyokwehlulela izwe ngolunye usuku, hhayi ngesenzo sikaKhongolose, hhayi ngesenzo sebandla, kodwa ngeZwi laKhe, Uyokwahlulela izwe. Uma besifanele sithathe ibandla, ibandla lenhlangano, iliphi kuwo eliqinisile na? Ahluke kakhulu elinye kwelinye. AmaKatolika ayehluka kumaProtestani, amaProtestani ayehluka kwelomthetho, elomth-. . . Ngani, sehlukene sonke, ngakho yiliphi kuwo ebelingaba elilungile na? Besiyoba nokudideka emqondweni wethu njalo njalo, umuntu ubengeke azi ukuthi enzeni. Futhi uNkulunkulu olungileyo, uMahluleli womhlaba wonke, ngempela uzosinika Into ethize esizokwahlulelwa ngayo.

15 Manje, ngafunda eBhayibhelini ukuthi kuzodlula amaZulu nomhlaba, kodwa iZwi likaNkulunkulu aliyikudlula. Ngafunda eBhayibhelini ukuthi noma ngubani oyokhipha noma yini kuLo noma enezele noma yini kuLo, ingxenye yakhe iyokhishwa eNcwadini yokuPhila, ukuthi Ime ngendlela Eyiyo nje.

16 Abaningi bazama ukuthi, "Like laphazanyiswa, kwenziwe nga*le*ndlela noma nga*leyo*ndlela." Angikukholwa lokho, ngikholwa ukuthi kufanele kube nohlobo oluthile loMgomo uNkulunkulu azohlulela i—ibandla ngawo, noma, izwe. Kufanele kube noMgomo othile, ngeke Ube senhlanganweni yebandla, ngoba ziyehluka. Ubani obezokwazi ukuthi enzeni na?

17 Kodwa kukhona uMgomo, futhi lowo yiZwi laKhe. Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu uyaliqapha iZwi laKhe, ngikholwa ukuthi leloZwi ligcizelelwe ngendlela impela uNkulunkulu aLifuna ngayo, iBhayibheli; LiyiZwi likaNkulunkulu ku—abantu. Kulapho, isizathu sokuthi ngikholelwe kuleloZwi. Futhi ngikholwa ukuthi iZwi liyiMbewu, futhi uma leyoMbewu ihlwanyelwa emhlabathini olungile futhi yaniselwa ngoMoya oNgcwele, Iyoveza inhlobo yaYo. Noma yisiphi isithembiso uNkulunkulu asenzayo, uNkulunkulu uzosenza.

18 Lapho sibona uNkulunkulu ephulukisa umuntu . . . Lapha ezinsukwini ezimbalwa ezedlule ebandleni lethu, Benginikele ukuthi bengizoshumayela lapho ngeSonto, ngeSonto eledlule, iviki okuyilo manje, iviki kusukela ngeSonto eledlule. Baletha intombazanyana lapho ngohlaka, futhi babengibizile ebusuku endleleni futhi bathi, "Intombazane ayikwazi ukuphila," umdlavuza wawumubi kakhulu, cishe iminyaka eyishumi nesikhombisa, "ayikwazi ngisho nokufika lapho, izofa ingakafiki lapho." Kwakuludaba oludabukisayo, umntwana omncane othandekayo oneminyaka eyishumi nesikhombisa ubudala.

19 Ukufakazela okuthile ebandleni lami, angizange ngimuthinte nhlobo umntwana. Angikaze ngize ngimthinte, ngangena, elele ohlakeni, isizathu kwakukhona abanye abantu abagulayo, kodwa ngangikhathazekile ngomntwana, ukuze ngibambe umoya wakhe ngenkathi ngikhuluma naye. Futhi wayebonakala sengathi, intombazane enhle kakhulu encane, Angisiboni isizathu sokuthi kungani lowo mntana efanele agcwalise ithuna ngaphambi kwesikhathi, futhi lowo kufanele kube udeveli ozama ukuthatha impilo yakhe. Ngakho angizange ngimthinte nhlobo umntwana, ngaya ngqo epulpiti neZwi, futhi ngahlala neZwi ngqo, neZwi lamphulukisa khona manjalo waze wasukuma futhi wahamba, kulungile manje, futhi uphila njengawo wonke umuntu, awukwazi ukuthola umkhondo wakho noma kuphi. Angikaze ngisho ngithinte iZwi, noma, ngimthinte.

20 Niyabo, iZwi laphuma, futhi walikholwa iZwi, neZwi liwukuPhila kukaNkulunkulu naMandla kaNkulunkulu, neZwi yilo elikwenzayo, iZwi liphilisa abagulayo.

Bese-ke uthi, "Awu, uJesu uphulukisa abagulayo."

21 UyiZwi, UyiZwi, futhi lapho wemukela iZwi, wemukela uJesu, ngokuba UyiZwi, "ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu." Siyakukholwa lokho, asikukholwa na? Nokuncinyana. Sikholwa ukuthi uKristu uyiZwi likaNkulunkulu elibonakalisiwe, futhi sikholwa ukuthi uMlobokazi waKhe ufanele abe yinto efanayo. Sikholwa ukuthi Ufanele akholwe konke nokuncanyana kweZwi futhi abe naleloZwi kuYe, ngoba Uyingxenye yoMzimba, UnguMzimba lapho EyiNhloko.

22 Futhi ngenkathi Efa, futhi wavuka kwabafileyo, futhi wavuswa, futhi wahlala lweliPhezulu e, ngobukhosi bukaNkulunkulu esiHlalweni saKhe sobukhosi, isandla sokunene soMkhulu, khona-ke, futhi siyizithunywa zaKhe, futhi sizibona sifile, futhi sembelwe ngombhaphathizo, wavuswa naYe, futhi manje sihlezi ndawonye kanye naYe, ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu. Lokho kungasenza simemeze sonke, bekungeke na? Cabanga ngalokho: Thina si, hhayi, "sizo," sesikhona *manje*. *Manje* singamadodana kaNkulunkulu, *manje*

singamadodakazi kaNkulunkulu. Hhayi, "sizobe sihlezi," *manje* sihlezi. Awukwazi . . . i . . .

23 UJesu wathi imiBhalo ifanele igcwaliseke. Lonke iZwi lifanele lifezeke. Namuhla siqhele kakhulu kuLo, sivele sazixuba nezivumokholo nokunye nokunye, kuze kube yilapho sesicasuke ka—kakhulu, njengoba nje iBhayibheli lathi siyokwenza, ncamashi.

24 U-Adamu, ngaphambi kokuba afike kumkakhe, wakhulelwa ngenzalo embi. Wathatha amanga kadeveli futhi wazama ukuwaxuba neZwi likaNkulunkulu, futhi kwabangela ukufa. Umntwana wokuqala owazalwa nguye washona, wonke umntwana selokhu ubenokufa.

25 UmkaJehova, lapho Emkhuphula eGibhithe wamngcwelisa wamqalisa endleleni, wenzani na? Wenze into efanayo. UJehova wathatha umkaKhe wamyisa ngale ezweni lesethembiso, endleleni enhla lapho wezwa umprofethi wamanga ogama lakhe linguBalami, futhi wenzani na? "Ngani, akukho mehluko kithi, asihlanganeni sonke ndawonye, futhi sibe umndeni owodwa."

26 Yilokho umlobokazi akwenzile nezwe, ehlangene nezwe nezivumokholo zalo nezinto, futhi waphika iZwi likaNkulunkulu, ethi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into okuthiwa umbhaphathizo kaMoya oNgcwele." Futhi ukuphi manje na? Uhlukanisile. Nje . . . Umlobokazi kaJesu wayenze into efanayo naleyo umlobokazi kaJehova ayenza, futhi into efanayo nalokho—lokho umlobokazi ka-Adamu akwenza. Yebo, ncamashi nje. IBhayibheli lathi, "Umlomo wofakazi abathathu mawuqinise onke amazwi." Kunamabandla amathathu, omlobokazi abathathu, bonke benze into efanayo.

27 Kodwa phambi kwakho konke lokho, kukhona uMlobokazi wangempela uNkulunkulu amvezayo, futhi unokuncanyana kuleso naleso . . . Ngaso sonke isikhathi lapho kuba nenguquko, kube khona *okuningi kangako* kweZwi elisakazwayo, futhi isizukulwane ngasinye siyasithola isikhathi saso. Wake waqaphela na? Kuyofika umuntu kaNkulunkulu ozoshaya umlilo ngoNkulunkulu, futhi kuzoba khona imvuselelo enkulu eshanela izwe. Futhi kwenzekani na? Masinya emva kwalokho bathatha umqondo walowomuntu, futhi bawenza ihlelo, futhi bangenise izivumokholo, futhi baxubane nawo. Nakho efa futhi engaphinde avuke, kunjalo, bekulokhu kunjalo, kuzohlala kunjalo, ngasosonke isikhathi.

28 Kodwa isizukulwane ngasinye, sitholani na? Ithuba laso eZwini elisha likaNkulunkulu isikhathi ngasinye, njengoLuther ngaphansi kokulungisiswa, njengoWesley ngaphansi kokungcweliswa, umnyakazo wePentecostal ngaphansi kombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Niyabo? Yilowo nalowo uthola ithuba lakhe. Khona-ke yini amadoda ayenzayo elandela labobaguquli abakhulu na? Bakwenze ehlelo,

bakuhlele, baxubanise nezivumokholo nakho, ingcosana *lapha* nengcosana *lapho*. Isigejane esisha sizifundiswa zasesikoleni siza nesigejane senjulamqondo, ngokufanayo nje njengoba u-Eva wayezama ukuthola ukukhanya okusha, akuxube neZwi likaNkulunkulu, ukufa, yasuka yahamba inhlangano, wafa ngokomoya. Kunjalo impela, kuhlale kungaleyondlela.

29 Manje, kukholweni noma ningakukholwa, ningahle ningacabangi kanjalo, kodwa ngizokhuluma, kulobubusuku, uma iNkosi ithanda, phezu kwendaba ethi *Isibonakaliso SeMbewu YeSikhathi Sokuphela*. Hlobo luni lwesibonakaliso esiyoba yisibonakaliso seMbewu ngesikhathi sokuphela na? Ngaphambi kokuba sifunde iZwi, asikhothamise amakhanda ethu futhi sikhulume kuMbhali waLo.

30 Ngiyamangala, kulobubusuku, sikhothamise amakhanda ethu, sibona ukuthi siphila emathunzini okuza kweNdodana kaNkulunkulu, Angazi noma kungaba nezicelo yini, kulobubusuku, ungathanda ukwazisa uNkulunkulu ukuthi uqotho, futhi unokuthile enhliziyweni yakho ofuna uNkulunkulu akwenzele khona na? Phakamisela izandla zakho nje kuYe, uthi, "Yimi lo, Nkulunkulu, ngifuna *lokhu* na*lokhu*." Ngiyabonga.

31 Baba wethu waseZulwini, sisondela esiHlalweni saKho somusa, neze esiHlalweni saKho sokwaHlulela. Nkulunkulu, asikufisi ukwaHlulela, ngoba besingenakuma kulesosiHlalo sobukhosi, kodwa sijabula kakhulu ukuthi kwakukhona Oyedwa owasimela lapho, iNdodana yaKho, iNkosi uJesu. Wasimela lapho, futhi wamela izaHlulelo, ukuze sibe nelungelo esiHlalweni sobukhosi somusa, futhi siyasondela, kulobubusuku, eGameni laKhe.

32 Futhi Washo qobo lwaKhe, futhi lonke iZwi elivela kuYe lalingumBhalo, futhi Bafanele bagcwaliswe, Wathi, "Uma nicela utho kuBaba waMi eGameni laMi, Ngizolwenza." Manje, siyazi ukuthi leloZwi liyiqiniso, futhi siyasondela, eGameni likaJesu, ukucela uBaba wethu waseZulwini ukuba asinike umusa wokuthethelela ovela esiHlalweni saKhe sobukhosi somusa.

33 SiyaMcela, kulobubusuku, ukuba Yena enze iZwi laKhe libe sobala futhi laziwe kithi, futhi lembule ihora esisondela kulo, ngoba asifuni ukukhubeka njengabangazi lapho siya khona. Umuntu ongazi lapho eya khona, uyakhubeka. Futhi Wena wathi sasingabantwana bokuKhanya, futhi sifanele sazi lapho siya khona, isinyathelo ngesinyathelo, njengokuthwala ukukhanya, kubonisa, hhayi yonke indlela kwehle, kodwa njengoba sithatha izinyathelo. Ngiyakhuleka, Baba, njengoba sithatha lesisinyathelo kulobubusuku, sibheke kulomhlangano, ukuthi sizobona ukuthi iyini inhloso kaNkulunkulu ngathi ukuba lapha.

34 Futhi ngiyakhuleka kuWe, O Nkosi, ukuthi sonke isandla esikhuphuke kulomhlangano kulobubusuku, kuzoba, inhloso yalesosicelo ngemuva kwesandla, iphendulwe. Uma kungokwensindiso, Nkulunkulu, siphe kulobubusuku, ukuthi bazoyemukela. Uma kuyinkathazo yasekhaya, qondisa ikhaya, Nkosi, nikeza ukuthula. Uma kungomuntu othile ocindezelekile, yipha umusa waKho, Baba. Uma kungomuntu othile ogulayo, amaZwi kaNkulunkulu aphulukisayo mawacwiliswe ajule enhliziyweni yabo kulobubusuku, lokho kuzoveza isivuno senhle, impilo yobuNkulunkulu kusasa. Siphe khona, Nkosi, sizwe.

35 Sethula iZwi kuwe, kulobubusuku, kanye nathi kanye nalezizindikimba, ukuze Ulethe ingqikithi kuLo, futhi usembulele izinto esifanele sizazi. Busisa laba bantu, busisa lesisikole. Ngalolusuku lapho umuntu engathi bazobamba umhlangano, iqembu elingakhethi'hlelo, babeyokwenqaba ngale komuzwa, kodwa lothishanhloko uvule umnyango. Siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzombusisa, futhi umazise ukuthi kulotshiwe emBhalweni, "Lokho enikwenzile kwabancinyane balaba, nikwenzile kiMi."

"Wawuswele nini, futhi asizange sikhonze na?"

Futhi Wena wathi, "Ngizothi, 'Njengoba nenzile kulaba, nenzile kiMi.'"

Ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi kulesisikole kuzophuma abanamandla, abashumayeli abagcotshiwe bangosuku oluzayo.

36 Ngikhulekela wonke umuntu olapha, abelusi babo, busisa amabandla abo, Nkosi. Kwangathi leyomvuselelo enkulu ingaqubuka emphakathini lapha phakathi kwabantu, futhi ibangele abaningi basindiswe. Phulukisa abagulayo nabahluphekile, Zitholele udumo. Siyacela, eGameni likaJesu. Amen.

37 Okuyinqaba kakhulu, ukufundwa komBhalo okuncane, lapho uya ekhaya ngingathanda ukuba ufunde isahluko, U-Amose isahluko 3 nevesi 7. Okuyinqaba, ukubekwa okuxakile kwendikimba, kodwa niyazi, uNkulunkulu wenza izinto ezithi ukuxaka neziyinqaba, usebenza ngezindlela ezingavamile, ngezindlela ezingaqondakali, ukwenza izimanga zaKhe. Amose 3:7:

> *Impela iNkosi uNkulunkulu ayenzi lutho, ingayambulanga imfihlakalo yayo ezincekwini zayo abaprofethi.*

38 Manje, indikimba engingathanda ukuyisebenzisa yile: *IMbewu YeSibonakaliso Sesikhathi Sokugcina.* Futhi njengoba ngisanda kunitshela izolo, ngishumayela kakhulu ngeMbewu ngokuba IyiZwi, zonke izinto ziqala kuGenesise, ngoba u*Genesise* usho "isiqalo," noma "isahluko sembewu

seBhayibheli." Konke esinakho emhlabeni namuhla, umsuka wakho waqala kuGenesise.

39 Manje, sinezinto namhlanje ezingaqalanga kuGenesise, ngoba kuye kwabhastelwa. Noma yini ebhasteliwe iyinkohliso, ayilungile, ayikwazi ukuzikhiqiza yona uqobo. Noma yini ebhasteliwe yenziwe umuntu, futhi ayikwazi ukuzibuyisela yona futhi.

40 Njengoba ngike ngasho kaningi, sithatha ukuzalaniswa kwemfuyo, njengoba uthatha i—imbongolo nehhashi lensikazi, futhi kuzala umnyuzi, kodwa umnyuzi awukwazi ukuzizalanisa. Awumazi ubaba noma umama, uxubile.

41 Sithatha ummbila namuhla, ubhasteliwe, bathi, "Muhle kakhulu, isikhwebu esikhulu," kodwa akukuhle. Uyabona lokho i-*Reader's Digest* esanda kubhala ngakho na? Uma abesifazane beqhubeka nokudla inkukhu nenyama yenkomo nezinto okubhasteliwe, eminyakeni engamashumi amabili kusukela manje uhlanga lwesintu luzophela, abesifazane ngeke besakwazi ukuthola abantwana. Kunjalo. Ukubhastelisa, akulungile.

42 Thatha ummbila, uwubhastelise, wenze isikhwebu esikhulu. Wenzani na? Kulungile, uma ufuna ukuwudla esikhwebini esikhulu. Kodwa kwenzekani kuso na? Phinda uwutshale, awukwazi ukuzikhiqiza futhi, awulungile, ufile. Ngakhoke, noma yini engakhulunywanga nguNkulunkulu ekuqaleni ibhasteliwe.

43 Futhi yileyondlela abantu abasuka ngayo eZwini likaNkulunkulu. Kuba yinto ebhasteliwe, kufanele kufe, angeke kuveze uhlobo lwakho ekuPhileni futhi. Ibandla elizokwenqaba uku—ukukholwa iZwi likaNkulunkulu yibandla elibhasteliwe nezimfundiso-ze, izivumokholo, izimfundiso ezingekho ngokomBhalo. Lelobandla alikwazi ukuzala umntwana ogcwaliswe ngoMoya ngoba libhasteliwe, alilungile. Lingahle libe likhulu, izindonga ezinkulu kakhulu, izihlalo ezinhle zikanokusho, izinsimbi ezinkulu, izihlalo zikanokusho, kodwa lokho akusho lutho, lifile ngokomoya. Kunjalo. Lingeke lazala abantwana abagcwaliswe ngoMoya, ngoba lifile lona uqobo.

44 Manje, ngikhuluma amahora ayisithupha ngaleyondaba, futhi kulobubusuku, ngibuyela emuva futhi kulesi esifanayo *ISibonakaliso SeMbewu Yesikhathi Sokuphela*. Manje, bonke abantu abahlakaniphile, uma elungile ekhanda lakhe, uhlale ezama ukuthola okuphambi kwakhe, sonke sifuna ukwazi lokho. "Yisiphi isinyathelo esilandelayo engizakusenza na? Ngiyaphi ngisuka lapha na?" Kufana nomuntu owela umfudlana, unyathela edwaleni elilodwa, bese eqalaza ukuze abone ukuthi isinyathelo sakhe esilandelayo sizakuba kuphi, ngoba akakwazi, angeke agxume nje noma kuphi, uma enza njalo uzoziminzisa, kumele abheke lapho eya khona, "Ngemva kokuwela *lokhu*,

khona-ke kuphi na?" Sonke singaleyondlela, lokho kube ukukhala kwesintu kusukela eminyakeni, "Kusukela kuphi lapha na?"

45 INkosi yaseNgilandi, ngobunye ubusuku, ngenkathi ongcwele eyibhaphathiza, ngakusasa ekuseni, babethungela ngomlilo, omkhulu kakhulu, njengendawo enkulu evulekile, futhi kwakukhona isithando somlilo esikhulu, noma ufefe lomlilo singakubiza kanjalo, indawo enkulu kuphela, enkulukazi, enkulu lapho kwakubekwe khona izingodo. Ongcwele wayezama ukutshela inkosi ngoNkulunkulu, futhi umzwilili omncane wayiqeda intshumayelo yakhe. Umzwilili omncane, ebusuku, wandizela ebumnyameni, wangena ekukhanyeni, wabuya waphuma ekukhanyeni, wangena ebumnyameni, futhi ongcwele wasukuma, wathi enkosini, "Uvelaphi, futhi uyephi na?"

46 Yilokho esifuna ukukwazi, "Sivelaphi na?" futhi, "Senzani lapha na?" futhi, "Siyaphi sisuka lapha na?" Manje, bona, yonke isayensi esinayo, amathambo amaningi njengoba simbile, izincwadi eziningi njengoba sizibhalile, ayikho neyodwa incwadi engakutshela ukuthi uvelaphi, ukuthi uyini, nokuthi uyaphi, yinye kuphela iNcwadi, futhi leyo yiBhayibheli. Ikutshela ukuthi uvelaphi, ulapha ngani, nokuthi uyaphi. Ngakho-ke, uma sifuna ukwazi "Uyaphi ukusuka lapha na?" ake sithathe iNcwadi kuphela engasitshela.

47 Amathambo asendulo bayawamba, ne—nezinsika zikasawoti, kanjalonjalo, akufakazeli lutho. IZwi likaNkulunkulu linempendulo, Linayo impendulo yakho konke esikubuzayo, iseNcwadini kaNkulunkulu. Umuntu ubehlale emangala, siyehla ngezinye izikhathi, futhi sifunde imiBhalo, futhi sizibuze ngaYo, kodwa akumele sizibuze, ungeke waYichaza, ufanele uYikholwe.

48 Akekho umuntu onga—ongafakazisa ngokwesayensi uNkulunkulu. Uma ubungafakazisa uNkulunkulu, ngokwesayense, khona-ke akusesikho ukukholwa. Sifanele sikholwe nguNkulunkulu, nokukholwa akusikho ngokwesayensi.

49 Ukube uMose ubeyodonsa amanye amaqabunga ezihlahleni wayesethi, "Ngikholwa ngukuthi ngizoyiyisa endlini yokucwaningela isayense ukuze ngithole ukuthi yiyiphi ikhemikhali elikuwo engeke iwavumele ashe"? Niyabo, uNkulunkulu ubengeke akhulume naye. Wayengakwazi lokho, into kuphela ayenzayo kwakungukukhumula izicathulo zakhe wayesehlala phansi ngenhlonipho, noNkulunkulu wamphendula.

50 Asikwazi ukufakazela ngokwesayensi lezizithembiso zikaNkulunkulu, kodwa sibheka emuva futhi sithole lapho, ngenkathi yonyaka, zonke zenzeka njengoba nje uNkulunkulu

ayethe ziyokwenzeka. Ngakho ngenhlonipho nangezinhlonipho eZwini laKhe kulobubusuku, ake sihlale phansi nje isikhashana futhi sikubuke, futhi sibone ukuthi siyaphi, iyini inhloso. Sizele ini lapha na? Kumayelana nani konke na?

51 Lapha esikhathini esithile esedlule ngangingaphandle entshonalanga, futhi ngangimi endlini yendoda eyayingimemele ngaphandle okwe—okwedina, futhi yathi, "Mnu. Branham, ngiyakubona uyawuncoma lowomfanekiso, umdwebo," noma, hhayi umdwebo, kodwa kwakungathi kuqoshwe ngokhuni, kungathi kunanyathiseliwe, phezu kweziko.

52 Ngathi, "Yebo, Mnumzane, nginjalo." Futhi kwakuyinqola endala yezinkabi, noma, inqola embozwe nezinkabi, indoda ngaphambili, umfana omncane ehlezi esihlalweni nonina, futhi babehamba.

53 Futhi yathi, "Lowo kwakungubaba nomama, nomfanyana osesihlalweni kwakuyimina uqobo." Yathi, "Sifika lapha ngenqola yezinkabi," yathi, "kodwa kusukela lapho, siye saphumelela *kakhulu*." Yathi, "Ngifuna uphumele ngaphandle lapha egcekeni." Yathi, ngiyakhohlwa ukuthi zingaki izinkulungwane zamahekha abenazo lapho epulazini elikhulu, yathi, "Ngathenga leyo ezinsukwini zami zobusha." Futhi yathi, "Khona-ke emva kwalokho, ipulazi elikhulu elincikene entshonalanga, ngelami; ipulazi elincikene eningizimu, ngelami." Yathi, "Uyayibona intuthu laphaya?"

"Yebo, Mnumzane."

Yathi, "Idolobha lelo." Ngiyakhohlwa ukuthi ingakanani impahla ayenayo lapho.

Yathi, "Ngingumongameli kulelobhange lapho," ingitshela konke eyayinakho.

54 Ngalalela isikhashana, ngase ngithi, "Ngingathanda ukukubuza umbuzo owodwa, Mnumzane. Ukhombe empumalanga, nasentshonalanga, ukhombisa amapulazi amakhulu, nasedolobheni, Ngingathanda ukuthi ubheke phezulu *ngapha*, futhi ubone, futhi ungitshele ukuthi kungakanani onakho phezulu *lapho*." Yileyo into esemqoka, ngoba ngolunye usuku uzoshiya konke okunci phansi lapha, bese-ke, uyaphi usuka lapho na? Yileyo into esemqoka.

55 Lokhu ukuhlala isikhashana lapha, kodwa lokho ukuhlala kwaPhakade Lapho. Ngakho ngicabanga ukuthi besifanele sicabange lapho esiyela khona iPhakade. Uma singahlinzeka kanjalo, futhi silungise imindeni yethu, kanjalonjalo lapha emhlabeni namakhaya, izindlu, nokunethezeka, lokho, imfundo, yilezozinto esifanele sizenze, kodwa i, enye yezinto ezisemqoka esifanele sizenze, sizishiya zingenziwe size sifike ekugcineni komgwaqo, futhi sazicwilisa ePhakadeni, singazi lutho ngoNkulunkulu, ngesu laKhe lensindiso, kanye nomusa

ohlengayo kaJesu Kristu. Kuyadabukisa ukuthi siyakwenza, kodwa siyakwenza.

56 Abantu abahlakaniphile, lapho bethola ukuthi bayisidalwa sesikhathi, bayamangala ukuthi kuyini emva kokunqamuka kwesikhathi. Manje ngizokhuluma ngomuntu ogama lakhe linguJobe imizuzwana embalwa; leyo yiNcwadi endala kunazo zonke eBhayibhelini. Siyaqonda ukuthi uJobe wayengomunye wamadoda ahlakaniphe kunawo onke emhlabeni ezinsuku zakhe. Ngani, wathi lapho eya ezimakethe amakhosana amancane ayekhothama phambi kwakhe ngenxa yokuhlakanipha.

57 Wayeyindoda enkulu, kodwa leyondoda yaqala ukubona, ngabo bonke ubukhulu bayo, yazibuza ukuthini, ngemva kokuba konke lokhu sekuphelile, khona-ke kuzoba yini na? Wazibuza ukuthi kuyokwenzekani. Ngakho uyakhuluma-ke, futhi uqala ukubhekisisa ngendalo kaNkulunkulu, wayazi ukuthi zonke izinto zadalwa ngeZwi elivela kuNkulunkulu. Futhi thina... waqaphela futhi, wathi, "Likhona ithemba uma isihlahla sifa, siyophila futhi."

58 Uma uqaphela imvelo, uNkulunkulu, ngendlela yaKhe enkulu ukuveza imizwa yaKhe kubantu ukuze baqiniseke, noma ngabe baneBhayibheli noma yini enye, Uziveza Yena uqobo emvelweni kuwe. Buka ilanga lapho liphuma ekuseni. Kwenzekani elangeni na? Liyingane encane, lizalelwe empumalanga, cishe ngeleshumi nqo liseminyakeni yalo yobunjejane, emini lisemandleni alo, ntambama liphakathi nendima yempilo, kuthi kusihlwa selihambile, liyashona, seliphelile. Ingabe yilokho kuphela okwelanga na? Qhabo. UNkulunkulu unenhloso ngelanga, ngakho ilanga liyabuya futhi liphinde liphume ngakusasa ekuseni. Likhuluma ngani na? Ukuzalwa, ukuphila, ukufa, ukuvuka.

59 Bheka izimbali zakho, bengiziqaphela namuhla, ngehla, izimbali, ukuthi zinhle kangakanani. Zilapha ngenjongo, zingamaZwi akhulunyiwe kaNkulunkulu. UNkulunkulu wazikhuluma zaba khona, futhi ngenkathi Ezenza, buka ukuthi kwenzekani: Zimi kahle egcekeni lakho, emva kwesikhashana, isithwathwa siyazishaya, ezitsha, ezindala, eziphakathi nendima yempilo, lapho nje isithwathwa sizishaya ngukufa. Zigebisa amakhanda azo amancane, futhi kwenzekani na? Imbewu encane emnyama yohlobo oluthile iyaphuma kuzo. Kukholwe noma ungakukholwa, uNkulunkulu uzenzela udwendwe lomngcwabo. Izimvula zasekwindla ziyafika futhi zikhiphe izinyembezi, njengoba kwakunjalo, zehla esibhakabhakeni futhi zingcwaba imbewu.

60 Ubusika buyafika, icembe alisekho, isiqu asisekho, impande ayisekho, imbewu iba yiqhwa, iqhume ivuleke, intibintibi iyaphuma. Ingabe lokho ukuphela kwembewu na? Qhabo,

mnumzane. Makuthi lelolanga elifudumele likhanye, eliveza uvuko lwakho konke ukuphila kwezitshalo, lapho nje lelolanga liqala ukukhanyisa emhlabeni futhi kufudumale, kukhona imbewana yokuphila ndawo ndawo kuleyombewu, futhi iyaphila futhi. Kungani? Ifeze injongo kaNkulunkulu, futhi uNkulunkulu wenza indlela yokuba iphinde iphile.

61 Manje, sabekwa lapha ngenjongo, kodwa sifanele siveze leyonjongo, sikhethe noma ukufa noma ukuPhila. Ngakho-ke sibekwe lapha ngenjongo, kodwa sifanele sifeze leyo njongo, lokho ngukukhonza uNkulunkulu, ngoba singamadodana namadodakazi kaNkulunkulu.

62 Manje, uJobe wabuka indalo, wabona ukuthi emva kokufa kwakungesikho ukuphela kwakho, wabona ukuthi ngemva kokufa kwaba khona ukuphila futhi. Ukuphila, lapho nje ilanga selikahle, kwaba ukuphila futhi. "Awu," yathi, "uma leyombewu iyimbewu ekhulunyiwe, noma iZwi likaNkulunkulu elikhulunyiwe, futhi ifeza injongo yayo futhi iyafa . . . Kodwa," yathi, "indoda . . . " Ngibheka omunye umBhalo lapha kuJobe manje, uJobe 14, "Kodwa umuntu uyalala, aphume umphefumulo, aphele. Amadodana akhe eza ukuzolila, yena akakuboni. Ukuphi yena na? Sengathi Ungangifihla endaweni yabafileyo, ungigcine ekusithekeni, kuze kudlule ulaka lwaKho!"

UJobe wathi, "Ngibona imbali ifa, ifeze inhloso yayo, futhi iyavuka. Ngibona isihlahla sifa, ikwindla yonyaka sikhipha amaqabunga aso."

63 Wake wasiqaphela isihlahla na? Sizoveza amaqabunga aso, bese sifeza isikhathi saso ehlobo, intwasabusika iyafika, *le* ngaphambi kokuba kufike isithwathwa, leloqabunga liqala ukuphenduka libe phuzi, libe bomvu, libe nsundu, emva kwesikhashana liyaqathaka esihlahleni, liwele phansi. Ingabe isiphetho salo na? Qhabo. Kwenzekani na? Ukuphila okwakukuleloqabunga kubuyela empandeni yesihlahla, lapho livela khona. Lenzenjani-ke na? Intwasahlobo yonyaka, iveza kanye naso, ekuvukeni, iqabunga elisha, ukuphila okufanayo, kubuya neqabunga elisha.

64 NamaKristu alenga esiHlahleni sokuPhila, futhi lapho ukuphila kuphuma kulomzimba omdala wesono, kubuyela kuNkulunkulu owunikezayo, ukuvela futhi nomusha, ngoba ufeza injongo.

65 Lapha esikhathini esithile esidlule ngangisezansi esifundeni saseKentucky, noma, ngicabanga ukuthi ukusuka lapha, ngiqonde ngqo, ngizofanele ngikhombe enyakatho, *enhla* esifundeni saseKentucky, ngangizingela, mina noMnu. Wood, omunye wabaphatheli lapha kanye nathi kulobubusuku. Futhi nganginomhlangano ngale edolobheni elincane elibizwa ngokuthi i-Acton, enkundleni yokukhempa yeMethodisti.

Phakathi lapho kwakukhona ubusuku obubodwa sasikhuluma, futhi iNkosi yayenza izinto ezinkulu, futhi sasinenkonzo yokuphulukisa, sikhulekela abagulayo. Nonke nanilapha komunye umhlangano, niyazi ukuthi kwenzekani.

66 Futhi angikwazi ukuphulukisa, akekho omunye umuntu, uNkulunkulu usevele ukwenzile, ufanele nje ukukholwe. Ngakho Unendlela, Ayethembisa ngezinsuku zokugcina, isiphiwo esiyokwehlukanisa imimoya, kanjalonjalo, esisebenzayo, siyakwazi lokho, ikhulu lamaphesenti, ngoba yiZwi likaNkulunkulu libonakalisa isithembiso saKhe salolusuku lokugcina.

67 Futhi phakathi lapho, kwakukhona owesifazane, ngangingakaze ngibe sezweni ngaphambilini, futhi kwakukhona owesifazane ehlezi emuva ezethamelini, noMoya oNgcwele wangena phakathi kwabantu futhi waqala ukubiza *lona*, *lowo*, ubatshela. KwakuyiNkosi yethu uJesu, iZwi laKhe libonakalisiwe eMzimbeni weBandla laKhe. Kwase kuthi-ke lapho Eqala ukukhuluma, uJesu wema emhlabathini, eyazi imicabango yezinhliziyo zabo, wakhuluma nabo, watshela abantu ngezinto ezihlukahlukene, njengoba nazi nonke bafundi beBhayibheli, wethembisa into efanayo futhi ukuphinda ngezinsuku zokugcina, wakuthembisa ngomBhalo waKhe ukuthi kuyokwenza kanjalo.

68 Manje, ngifuna niqaphele, manje, ngenkathi lokho kwenzeka, emuva le ngemuva inenekazi lalikhala izinyembezi, ndawana thize enkundleni enkulu yokukhempa, abaningi, amakhulu namakhulu amaningi abantu babehlezi, futhi kwakukhona inenekazi elikhalayo. Qaphelani, uMoya oNgcwele waya enenekazini futhi wathi, "Ukhala ngodadewenu, igama lakhe u*S'bani-bani*, uhlala endaweni ethile. Uneduku ephaketheni lakho olifake lapho ngaphambi kokusuka ekhaya. Yi*lokhu-na-lokhu* iduku. Thatha leliduku futhi uhambe ulibeke phezu kukadadewenu, ubulawa umdlavuza, futhi ISHO KANJE INKOSI, uzakuphila."

Owesifazane wathatha esakhiweni, waya wabeka iduku lakhe phezu kwenenekazi ngalobobusuku, futhi ngakusasa ekuseni wayephila.

69 Manje, ngakho ngangi (Inkathi yonyaka yayishisa kakhulu.), ngizingela izingwejeje. Njengoba abaningi abazingeli bezingwejeje engikanye nabo bazi, ba . . . bona . . . ukufahlazela kwamaqabunga kwethusa izingwejeje, futhi thina, kwakomile kakhulu, kwadingeka siye endaweni lapho okwakunemihosha esasingangena kuyo, imisele emincane, ukuhamba udabule emahlathini. Igama lomngane wami kwakunguMnu. Wood, uhlezi ngapha kwesokudla sami.

70 Futhi wathi, "Ngiyazi indoda enendawo engamahekha amaningi. Kodwa," wathi, "inzima kakhulu ukubhekana

nayo." Wathi, "Ingumphikinkolo," futhi wathi, "ayikholelwa kuNkulunkulu," futhi wathi, "i, ihlekisa ngaKho." Futhi wathi, "Kodwa iyangazi, iyamazi ubaba wami." Futhi wathi, "Uma ngihamba ngiyoyicela ukuthi singazingela yini endaweni yayo . . ."

Ngathi, "Asambe."

71 Sashayela emuva le ezweni, emuva le eceleni komgwaqo, namakhehla amabili ayehlezi phansi komthunzi wesihlahla sama-aphula, wathi, "Nango, lowo ongakwesokudla."

Ngathi, "Njengomfundisi, kungcono ngihlale emotweni."

Ngakho uyaphuma, futhi wathi, "Sawubona?"

Nendoda yathi, "Khuphuka, uhlale phansi."

Wathi, "Igama lami ngingu Wood," wathi, "Angazi ukuthi ubungaba nendaba yini uma sizingela isikhashana endaweni yakho."

Yathi, "Ungumuphi uWood?"

Wathi, "Ngiyindodana kaJim Wood."

Yathi, "UJim Wood ungumngane wami, futhi noma imuphi owabantwana bakhe angazingela noma kuphi lapho efuna khona."

Wathi, "Ngiyabonga."

Yathi, "Ngiyazibuza manje," yathi, "ungubani wena?"

Wathi, "NginguBanks." Wakhuluma nayo imizuzwana embalwa, noMnu. Wood wathi, "Angazi uma kungalunga ukuba sihambe nomelusi wami."

Yathi, "Awuqondile ukuthi usube phansi kakhulu uze udingeke uphathe umshumayeli nomaphi lapho uya khona na?"

Wathi, "Umelusi wami ulaphaya."

Ngacabanga, "Kungcono ngiphume emotweni." Futhi ngaphuma emotweni, ngase ngiya laphaya, ngase ngithi, "Sawubona?"

Yathi, "Sawubona? Ngakho ungumshumayeli na?"

Ngathi, "Yebo, Mnumzane."

Futhi yathi, "Awu," yathi, "Ngifanele ngibe umphikinkolo."

Ngathi, "Awu, akukuningi ukuqhosha ngakho, kunjalo na?"

Yathi, "Ngicabanga ukuthi akunjalo." Yathi, "Kodwa mina, engimelene ngakho nani bantu, nikhuluma ngeNto ethize eningayazi."

"O," ngathi, "ingabe kunjalo na?"

Yathi, "Yebo, Mnumzane, ngibezwa bonke bebhavumula *ngalokhu*, ngoNkulunkulu, nakho konke," yathi, "ayikho iNto enjalo."

72 Ngathi, "A-hha." Ngathi, "Awu, kusobala uyazi ukuthi kunjani, Mnumzane," ngathi, "wonke umuntu emcabangweni ongowakhe." Ngangicabanga enhliziyweni yami, "Manje, Nkosi, Wena nginike okuthize ukusiza leyondoda, akungabazeki iqotho."

Futhi yathi, "Ngabona umshumayeli oyedwa kuphela empilweni yami yonke engi—ngingathanda ukuzwa, ngezwa ngaye."

Futhi ngathi, "Kwakungubani lowo, Mnumzane?"

73 Yathi, "Lapha cishe eminyakeni emibili edlule, kwakukhona umshumayeli ngapha edolobheni okuthiwa i-Acton." Yathi, "Nenenekazi elidala u*S'bani-bani*, enhla lapha egqumeni, lalikade lilele lapho iminyaka emibili linomdlavuza." Wathi, "Mina nomkami, babengeke besakwazi ukulibeka phezu kwepowa, kwadingeka basebenzise ishidi lokudonsa," futhi yathi, "sasiphezulu lapho ngalokho kusa," futhi yathi, "udokotela wayeshilo ngayizolo ukuthi lalingeke lidlule ebusuku.

74 "Lalienomdlavuza esiswini salo, lase lidline nya. Lalingakwazi ngisho nokuphuza amanzi ebhali, futhi lingakaze amaviki, babelifunze amanzi anoshukela nosawoti ngemithambo yalo, kwaze kwaba yilapho imithambo yalo yaquleka." Futhi yathi, "Kwakungekho okwakungenzelwa lona."

75 Futhi yathi, "Udadewabo wayehlezi elalele lowo mshumayeli eshumayela, futhi lowomshumayeli wayengazi muntu lapha, wayengakaze abe lapha, futhi wamtshela ukuthi wayengubani, nokuthi udadewabo wayengubani, futhi wakhuluma ngeduku ayenalo, futhi wathi, 'Libeke kulowo wesifazane.'" Futhi yathi, "Ngalobobusuku ngacabanga ukuthi babeneSalvation Army enhla lapho ndawondawo, kukho konke ukuklabalasa." Futhi yathi, "Ngakusasa ekuseni sadlula siyobheka ukuthi wayefile yini." Futhi yathi, "Lapho sifika lapho wayevukile, epheka ophaya bama-apula athosiwe futhi liwadla." Futhi yathi, "Lenza ngisho nomsebenzi kamakhelwane." Yathi, "Manje . . . "

Ngathi, "Yini emangaza kakhulu ngalokho na?"

76 Yathi, "Awu, nakhu engifuna ukukwazi, uma ngike ngimbone lowomshumayeli, ngizombuza, yini Eyamtshela ngalowo wesifazane, nokuthi wayezophulukiswa."

77 "O," ngathi, "yebo, Mnumzane." Igazi lengwejeje ligcwele kimi, futhi ngingcolile, ubuhwanqa buthi abube bude *kangako*, niyazi, futhi ngathi, "Akubukeki kakhulu njengomshumayeli manje."

Yathi, "Awu, kubukeka kakhulu kungumuntu."

Futhi ngathi, "Yebo, Mnumzane." Ngakho, ngathi, "Ngicela elinye lalawa ma-aphula?" Amayelo-jakhethi amancane ayegcwele kuwo.

Futhi yathi, "Yebo." Ngacosha elilodwa, ngaliluma. Futhi yathi, "Zitike, amayelo-jakhethi ayawadla nya."

Futhi ngathi, "Ngiyabonga." Futhi ngaliluma, ngathi, "I-aphula elihle lelo."

Yathi, "Ya," yathi, "lesosihlahla esidala singikhiqizele amaningi."

Futhi ngathi, "Yebo, Mnumzane." Ngathi, "Sidala kangakanani isihlahla na?"

Yathi, "Cishe iminyaka engamashumi amane ubudala." Yathi, "Ngasitshala lapho, ukushintsha nje."

Futhi ngathi, "Ehhe." Ngathi, "Ngiyaqaphela wonke ama-aphula ayaqathaka kuso, namahlamvu ayahamba."

Yathi, "Yebo, yileyondlela esenza ngayo."

Futhi ngathi, "Ngifuna ukukubuza umbuzo."

Yathi, "Yebo, Mnumzane, qhubeka futhi ubuze." Yathi . . .

78 Ngathi, "Yini ebangela . . .? Manje, asizange sibe nesithwathwa," ngathi, "kumaphakathi no-Agasti kuphela, ngeke sibe nesithwathwa kuze kube ngu-Okthoba noma uNovemba," ngathi, "kodwa lapha, maphakathi no-Agasti, lawomaqabunga ayawohloka esihlahleni." Ngathi, "Yini eyenza lawo maqabunga awohloke na?"

"Awu," yathi, "amanzi esihlahla ayasishiya."

Ngathi, "Kuthiwani uma amanzi esihlahla engasishiyi na?"

79 Yathi, "Ngani, bekunga, isihlahla besingabulawa ngesikhathi sasebusika, imbewana yokuphila isemanzini esihlahla." Yathi, "Uma bekungenzeka . . . Bekuzosibulala isihlahla, besizofa."

80 Ngathi, "Yebo, Mnumzane." Ngathi, "Ngakho-ke amanzi esihlahla abuyela ezimpandeni lapho kufudumele khona, ahlala lapho ebusika, bese ebuya ehlobo, alethe amaqabunga amaningi nama-aphula amaningi."

Yathi, "Yilokho kuphela."

81 Ngathi, "Ngifuna ukukubuza okuthize." Ngathi, "Buhlakani buni, manje, isihlahla asinabo, lobo Buhlakani obusho kulesosihlahla, 'Sekuza isikhathi sasebusika, ngena ezimpandeni futhi uhlale kuze kube intwasahlobo yonyaka'?" Ngathi, "Faka amanzi ebhakedeni, bese uwabeka esigxotsheni, futhi ubone ukuthi azokwehla yini lapho kufika ikwindla yonyaka. Ngeke akwenze." Ngathi, "Ufanele uvume ukuthi kukhona uhlobo oluthile loBuhlakani okwenza lawomanzi esihlahla ashiye isihlahla futhi ehlele phansi ezimpandeni;

uma engakwenzi, siyafa, ayazifihla ukuze avikele ukuphila kwaso. Manje, isihlahla asinabo ubuhlakani, kunomthetho kaNkulunkulu owenza lokho."

Futhi yathi, "Awu, angikaze ngikucabange kanjalo nje."

82 Ngathi, "Mnumzane, uBuhlakani obufanayo obutshela lesosihlahla phezulu lapho, amanzi esihlahla kulesosihlahla ukuthi aye ezimpandeni, loboBuhlakani obufanayo yibona obangitshela ukuthi wayengubani lowo wesifazane, futhi ngimtshele ukuthi kwakuzokwenzekani."

Yathi, "Awuyena lowo mshumayeli!"

83 Ngathi, "Yebo, Mnumzane." Futhi lapho yaholelwa kuKristu, futhi yafa ingumKristu ngemva konyaka, cishe iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu ubudala. Niyabo, uNkulunkulu usizungezile, uNkulunkulu ukuyo yonke indawo, futhi uma sizobheka imvelo, sizoMthola lapho.

84 Manje, emva kokuba uJobe eseMtholile ekufeni, ekumbelweni, nasekuvukeni kwemvelo, iphindukuzikhiqiza futhi ngohlobo lwayo, khona-ke wayengenakuqonda ngokwenzeka komuntu, "Uma umuntu," uthi, "uyalala, aphume umphefumulo. Ukuphi na?" Manje, niyabo, isihlahla asizange sone, imvelo ayizange yone, umuntu wona. Ngakho akakwazanga . . .

85 Manje-ke engumprofethi, manje, iBhayibheli, indikimba yami, ithe, "Wazazisa izimfihlo zaKhe kubaprofethi baKhe," iZwi leNkosi liza kumprofethi, futhi ngokuba umprofethi, siyayazi indaba kaJobe, ekugcineni uNkulunkulu wamchazela khona uJobe, ukuthi inzalo yomuntu yayingaphelele ngoba unina womuntu wayehlulekile ukulalela iZwi likaNkulunkulu. Wazama ukuLixuba nenye into, neZwi likaNkulunkulu ngeke libhasteliswe kunalutho. Kunjalo.

86 UJesu wathi, ngenkathi Elapha, "Uma ninokukholwa okunjengohlamvu lwesinaphi, beningasho kulentaba . . ." Kungani Abhekisela embewini yesinaphi na? Imbewu yesinaphi ngeke ibhasteliswe, iyimbewu yangempela yesinaphi, ngeke ithathe ukuzalanisa nalutho. Futhi Wathi, kungenjalo, "Uma unokukholwa okungako, iZwi likaNkulunkulu, elingeke libhasteliswe ekungakholweni, noma ulibuze . . ." O, ngizizwa ngikholwa. Ukuthi ngeke ulibuze!

87 Akunandaba ukuthi yiziphi izimo, nanoma yini enye, awulibuzi iZwi likaNkulunkulu, uyaLikholwa, ufanele uLikholwe. Ukuba nje u-Eva wayeLikholiwe kuphela, wayeyokwemukela, futhi wayeyozala abantwana kahle, kodwa ngaphambi kokuthi yena owesifazane . . . umyeni wakhe wafika kuye, yena owesifazane . . . wamthola esengcolisiwe kakade, njengoba kwenza uJehova, futhi njengoba uJesu enjalo. Kwakukhona ukungcola esibelethweni sokucabanga kwakhe, wayemukele inzalo yokungakholwa ngokumelene neZwi

likaNkulunkulu, ngoba kwamkhiqizela okuthile okugqame kakhudlwana, futhi wayefuna ulwazi olwengeziwe.

88 Yilokho okuyinkinga namuhla. Ngimi esikoleni, besiyoba yisixuku sabantu *abangenalwazi* ukuba bekungeyona imfundo, futhi imfundo iyingxenye yempucuko yethu. Kodwa impucuko, imfundo, iza ngobuKristu kuphela. Impucuko iyizimpande zotshani zikaKri-. . .noma, ubuKristu buyizimpande zotshani zempucuko, ngokuphelele. Impucuko iza ngoKristu, impela.

89 Manje, ukungalikholwa iZwi likaNkulunkulu, noma uLixube nokuthile ukuze ube nokuKhanya okwengeziwe, ungeke waLixuba, Lingeke lixubane. Ufanele uLikholwe ngendlela nje uNkulunkulu aLiloba ngayo, nendlela ALikhuluma ngayo. Akufanele kwengezwe kukho, noma kususwe kukho, noma yini, Likholwe ngaleyondlela.

90 Manje, futhi ngenkathi uJobe engumprofethi, ekugcineni umbono wagqashuka, kwase kuthi lapho esebonile ukuthi uNkulunkulu wayezoyenza kanjani indlela yokuba umuntu aphile futhi, ngoba kuyoba nelinye iZwi elikhulunyiwe ukuthi intombi eyolemukela.

91 Lowo kwakungu-Eva, kuqala, owaLingabaza. Ngenkathi iZwi lifika kuMariya, akazange aLingabaze, wathi, “Bheka incekukazi yeNkosi; makube kimi ngokweZwi lakho.” Niyabo, akakaze—akakaze athi, “Manje, linda ngize ngizwe ukuphila, bese-ke ngihamba ngiyofakaza. Linda ngize ngiqiniseke ngakho.”

92 Yileyondlela thina maKristu, *esibizwa kanjalo*, namuhla esenza ngayo, “Linda ngize ngibe nesiqiniseko. Linda ngize ngiqale ukuba ngcono.” Futhi, “Linda ngize ngibone okuthize kwenzeka, bese kuthi-ke ngizokwenza.” Qhabo, mnumzane, lowo akuwona u—lowo akuwona umbuzo, uyakukholwa kuqala.

93 U-Eliya wamtshelani o—owesifazane ayeye kuye, engenalutho ngaphandle kwempuphu engagcwala isandla na? Wathi, “Ngenzele iqebelengwana kuqala, bese uqala. . .” Isimangaliso sizokwenzeka ngemva kokuthatha iZwi likaNkulunkulu kuqala. Uqala ukukholwa iZwi likaNkulunkulu, bese-ke isimangaliso senzeka eZwini, ngoba iZwi liyiMbewu eveza isimangaliso, ufanele athathe iZwi kuqala. UMoya oNgcwele uLinikeza ukuphila, njengamanzi ehla evela eZulwini.

94 Siyazi ukuthi uMoya oNgcwele umele, e, amanzi amele uMoya oNgcwele, njengokuthi, “Njengoba uMose waphakamisa inyoka yethusi ehlane, kanjalo iNdodana yomuntu kumelwe iphakanyiswe.” Ini? Abantu ababhubhayo. Futhi lapho ephakamisa inyoka yethusi, yasindisa ukuphila kwabantu ababhubhayo; ngenkathi eshaya iDwala, uKristu uyilelo Dwala elashaywa, futhi kuYe kuphuma amanzi okuPhila ukwenzela

abantu ababhubhayo. Ufanele ukukholwe, wenze okuthile ngakho, manje, khumbulani manje.

95 Khona-ke lapho uJobe ebona Lona eza *nje*, Lowo owayengama esikhaleni phakathi kwesoni noNkulunkulu, futhi avale indlela, leyoMbewu ephelele, "Lezi zimbewu," wathi, "yonakele, ngiyababona bengena emhlabathini. Amadodana akhe eza ukuzomkhalela, phezu kwakhe, yena akakuboni. Ulala lapho, akavuki neze, ulala lapho nje, uyabola, futhi yilokho kuphela kwakho." Akaphinde avuke, ngoba uyinzalo engaphelele.

96 Kodwa wathi, lapho ethola ukuthi kwakuza Oyedwa, Owayezobuyisela ukuphelela eZwini likaNkulunkulu futhi, lokho kuzokwenza indlela, kuzoxhumanisa indlela, khona-ke umprofethi engena eMoyeni futhi wakhala kakhulu, "Ngiyazi uMhlengi wami uyaphila, futhi ngezinsuku zokugcina Uyakuma phezu komhlaba. Nakuba izibungu zesikhumba sezibhubhise lomzimba, nokho enyameni yami ngiyakumbona uNkulunkulu." Wambona Lowo ophelele eza. Kwenzenkani na? UJobe, engumprofethi, izimfihlo zikaNkulunkulu zaziwa kumprofethi, wakhuluma iZwi, futhi ngenkathi ekhuluma iZwi uNkulunkulu amkhombisa lona, laba yinto ephathekayo, ngokuba laliyiZwi elikhulunyiwe, futhi ngenkathi yaLo, kwenzeka ngaleyondlela nje ncamashi.

97 UKristu wazalwa, uMhlengi, Oyedwa, wayekwazi ukuma phakathi kwabaphilayo nabafileyo futhi axhumanise indlela, futhi waletha ukuvuka, ncamashi. Ngani na? KwakuyiZwi likaNkulunkulu. Manje, wakhuluma iZwi, neZwi laliyiMbewu, futhi Lavuthwa ngenkathi yaLo. Yonke iMbewu kaNkulunkulu, ibekwe ngokuyikho, iyovuthwa.

98 Manje, ukuba-ke uNkulunkulu ubengathumela uMlayezo waKhe, ngeNgelosi, kuMariya, futhi wathi, "Yethi, Mariya, ubusisiwe wena esifazaneni. Uzoba neNgane ungayazi indoda," wayethe, "Manje, ake ume kancane lapha, ake ngikwehlisele endlini yokucwaninga yesayense, futhi ungitshele, ake—ake udokotela afakazise kimi ukuthi ngizokwenza kanjani lokhu," uyabo, "khona-ke ngizokukholwa"? Kwakungeke kwenzeke. Kodwa wafika kukuphi na? Isibeletho senhliziyo yakhe, isibeletho umoya wakhe owawukuso. Isibeletho sakho somoya wakho siwumqondo wakho, umqondo wakho ungumgudu.

99 Unemizwa emihlanu elawula umzimba. Unemizwa emihlanu elawula umphefumulo, unembeza, nokunye nokunye. Manje, umzimba wakho, kukhona ukubona, ukunambitha, ukuzwa, ukuhogela, nokulalela. Kodwa munye kuphela umgudu ongena ngaphakathi kulowomphefumulo, okhombisa ukuthi uyiMbewu. Ungumphefumulo, umzimba, nomoya, bese kuba umgudu owodwa, umhubhe, indlela eyodwa yokungena

kulokho, ukuzikhethela kwakho okukhululekile, okungukuthi, ungamukela noma wenqabe; wenza noma yini oyifunayo.

100 Ngakho-ke u-Eva wayesesisekelweni esifanayo, wayengathatha iZwi likaNkulunkulu futhi athi, "UNkulunkulu wathi ungakwenzi, futhi suka lapha!" Lokho bekungaba ngokulungile, kodwa esikhundleni salokho wazama ukuLibhastela namanga kaSathane, futhi walethela ukufa kuye. Kodwa ngenkathi Efika kuMariya, wayehlukile, "Bheka incekukazi yeNkosi." "Kuzoba njani na?" Lokho akunandaba ukuthi kuzoba kanjani. "ULikhulumile, LiyiZwi likaNkulunkulu, ngiyaLemukela. Bheka incekukazi yeNkosi; makube kimi njengeZwi lakho." Nakho la kwakhukhona, lokho kwakuxazulula, khona-ke yena—wayeselungile ngalesosikhathi.

101 Niyabo, waveza leyoMbewu yokuPhila eyayiyiZwi likaNkulunkulu libonakaliswa ngesimo somuntu. Futhi ngokufa kwaLowo *olungileyo*, wakhokhela ukufa kuze kube phakade-. . . isikweletu salowo nalowo kithi ongalungile. Futhi ngokwamukela-ke, iZwi laKhe, kuletha ukuPhila futhi kubuyisela uKristu kithi, ngoba uKristu uyiZwi, iZwi eliKhulunyiwe. Futhi Liyovuthwa uma ningaLemukela. Nina enigulayo, Lemukele, Likholwe, Lifanele livuthwe, Lizovela ngenkathi yaLo, Lifanele.

102 Manje, sonke siyakholwa ukuthi sisesikhathini sokuphela. Noma yimuphi umuntu o, he, onobuhlakani, ngiyakholwa, uma eyoqalaza abone, kukhombisa ukuthi lento ngeke iqhubeke isikhathi eside. Manje, ngifuna cishe imizuzu eyishumi nanhlanu manje, ukunikhombisa ukuthi ngiqonde ukuthini. Noma ubani uyazi ukuthi kukhona okumele kwenzeke, yonke imiBhalo ikhomba kukho.

103 Sifundiswa ukuthi umhlaba wadalwa eminyakeni eyizinkulungwane eziyisithupha, kuyinkulungwane usuku, usuku olulodwa njengonyaka kuNkulunkulu, kanjalonjalo, iminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha ekudalweni. Kulungile. Izinsuku eziyisithupha kubizwa kanjalo, futhi iBhayibheli lithi usuku olulodwa luyiminyaka eyinkulungwane, noma, iminyaka eyinkulungwane iwusuku olulodwa kuNkulunkulu.

104 Manje, iminyaka eyizinkulungwane ezimbili yokuqala izwe, i-kosmos, ukuhleleka kwezwe, kufika ekupheleni kwakho, futhi uNkulunkulu wadingeka athumele okuthize, izahlulelo ezivela eZulwini, futhi ahlulele umhlaba ngokwahlulela, futhi asindise olungileyo, uNowa nomndeni wakhe.

105 Iminyaka eyizinkulungwane ezimbili yesibili, into efanayo yenzeka futhi, i-kosmos, inqubo yezwe, ngisho neBandla langcoliswa. Izinsuku zikaNowa, bamklolodela futhi bahlekisa ngaye, futhi washumayela iminyaka eyikhulu

namashumi amabili emnyango womkhumbi. Futhi eminyakeni eyinkulungwane yesibili iBandla liyo. . . laya ekuthunjweni, lenza ubufebe nezwe, futhi laba yilutho ngaphandle kwesigejane sezinhlobo nezivumokholo, futhi uNkulunkulu wathumela ukwahlulela emhlabeni ngokuthumela iNdodana yaKhe, ifike ekupheleni kwamandla akho.

106 Manje, lona ngu 1962, futhi lithini iBhayibheli na? IBhayibheli lathi, ngezinsuku zokugcina ukuthi umsebenzi uyodingeka ufinyezwe, imiBhalo ayinakuqamba amanga, ngenxa yabaKhethiweyo, ngenxa yabaKhethiweyo, kungenjalo bekungeke kube-nanyama esindiswayo. Khona-ke siyabona ukuthi sisekupheleni kwesikhathi.

107 Olwesikhombisa yisabatha, okuyiminyaka eyiNkulungwane, lokho yi. . . lokho kuzokwenzeka ngalesosikhathi, ukubusa kweminyaka eyiNkulungwane. Manje, kodwa izinsuku eziyisithupha zigcwalisekile. Umuntu uphethe esandleni sakhe, khona manje, isikhali angazibhubhisa ngaso, angabhubhisa umhlaba, angawuqhumisa umhlaba ube yizicucu ngomzuzwana owodwa. Angadubula umuntu emzileni, futhi awujikijele ezweni lonke lapha, futhi athi, "Zinikele, noma ngizowudedela." Yilokho kuphela. Ubeyokwenzani na? Ngani, noma ubani onengqondo, bebeyozinikela. Bese kuthiwani na?

108 Futhi manje, okuncane. . . Kwakuvame ukuba yizizwe ezinkulu ezazibusa ezinkulu. . . izizwe ezincane, akusenjalo, banento efanayo. Niyabo? Ngakho sekube yisikhathi ukuthi sibona futhi sikholwa ukuthi sisesikhathini sokuphela.

109 Manje, singaqhubeka nalokhu amahora, kodwa ake sibheke nje eminye yemiBhalo lapha umzuzu nje okubheka eMbewini etshalelwe isikhathi sokuphela.

110 Uma leyoMbewu ye. . . IZwi likaJobe elikhulunyiwe, u-Isaya wakhuluma ngaLo, wonke umuntu kaNkulunkulu, wonke umprofethi kaNkulunkulu Amazisa izimfihlo zaKhe, ngisho noDavide, kuya ku-Isaya, uJeremiya, bonke abanye, bakhuluma ngaleyoMbewu ezayo, futhi lapho kufika inkathi, kwakungaleyondlela ncamashi, Uhlala ekwenza. Ngeke Lehluleke, LiyiZwi likaNkulunkulu, LiPhakade, angeke Lehluleke. Futhi sonke siyazi ukuthi uJesu wayeyiZwi.

111 Manje, asithathe iZwi laKhe-ke, amaHeberu 1 athi, "UNkulunkulu wakhuluma kubaprofethi ezikhathini zasendulo nangezindlela eziningi, kodwa kulolu izinsuku zokugcina ngeNdodana yakhe, uKristu Jesu." Manje, WayenguNkulunkulu-mProfethi. Wayengu-mProfethi, impela, uMose wathi, "INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa uMprofethi," kodwa Lona wayengaphezu komprofethi, WayenguNkulunkulu ebonakaliswe enyameni.

112 Manje, loNkulunkulu-mPorofethi usinika izibonakaliso ezimbili noma ezintathu esifuna ukuzibuka lapha, izibonakaliso

ezinkulu esifuna ukuzikhumbula. KuMathewu 24 ngenkathi Ebuzwa "Ziyokwenzeka nini lezizinto na? Kuzoba yini ukufika kokuphela kwezwe na? Kuyokwenzeka nini konke lokhu na?" Wanikeza izinto eziningi ezahlukene ezizokwenzeka, isizwe siyakuvukela isizwe, nombuso uvukele umbuso, kanjalonjalo, kuqhubeke futhi kuqhubeke futhi kuqhubeke, kodwa wathi, "Fundani umfanekiso wesihlahla somkhiwane, lapho wona... nazo zonke ezinye izihlahla."

113 Bangaki lapha ongamaKristu manje na? Phakamisani izandla zenu. Kulungile, ngiyabonga, ngicabanga ukuthi ngamaphesenti ayikhulu. Kulungile. Bhekisisani manje, lapho siletha lesi sibonakaliso seMbewu yesikhathi sokuphela. UJesu wathi, "Fundani umfanekiso emkhiwaneni. Manje, lapho nibona umkhiwane..." Manje, fundani umfanekiso wani na? Umkhiwane. Manje, noma ubani uyazi, ofunda iBhayibheli, ukuthi umkhiwane wawu, njalo ubuhlala, uhlanga lwabantu lwamaJuda.

114 UJoweli wathi, "Okushiywe yisibotho kudliwe yinkasa," kanjalonjalo, leso kwakuyiSiphunzi, ukuthi izivumokholo nezinto zidla zishaye phansi iBandla, kodwa wathi, "Ngizobuyisela, isho iNkosi."

115 Manje, amaJuda anqunywa uPawulu uyasitshela, futhi abeZizwe bafakelwa futhi, eMbusweni, kodwa, qaphelani, uJesu wathi, "Fundani umfanekiso emkhiwaneni." Manje, lesosihlahla, njengoba uJobe abona, uma sifa, siyophila futhi na? Impela. Wathi, "Manje, lapho nibona umkhiwane, nazo zonke ezinye izihlahla..." Izihlahla, izihlahla zani na? Kukhona iSihlahla sokuPhila, kukhona isihlahla sesivumokholo, ihlelo, kukhona isivumokholo sesizwe. "Nxa nibona umkhiwane, nazo zonke ezinye izihlahla ziveza imiqumbe," phequlula, silungiselela ukuveza amaqabunga, "nithi ihlobo seliseduze." Qaphelani, enza umfanekiso ngezizwe.

116 Manje, uNkulunkulu usebenzana nabeZizwe ngoMlobokazi, oyedwa *lapha*, noyedwa *lapho*, kodwa Usebenzana namaJuda njengesizwe, hhayi njengomuntu ngamunye, njengesizwe, Ubehlale njalo, leso bekuyisizwe sikaNkulunkulu esikhethiwe, uNkulunkulu wabakhetha njengesizwe. Izithunywa zenkolo zingena eJerusalema, nezinto: lapho u-Israyeli esindiswa, uyoba "Isizwe," iBhayibheli lithi, "uzozalwa ngosuku." Kunjalo. Ngakho u-Israyeli uyomamukela uKristu kanye, kanye nje... njengesizwe, hhayi njengabantu ngabanye.

117 Kodwa, qaphelani manje lokho Akushilo, asikuthathe, sikubheke kucace, "Nxa nibona umkhiwane uqala ukuhluma futhi, nazo zonke ezinye izihlahla ziveza imiqumbe yaso..." Manje, yonke into inemvuselelo, noma nje yaba nemvuselelo. AmaJuda abuyele ezweni lawo lendabuko njengesizwe, ephephezelisa ifulegi lawo uqobo, uhulumeni wawo uqobo, imali

yawo uqobo. Bayisizwe okokuqala ngqa cishe, ngiyacabanga, cishe iminyaka engamakhulu ayishumi nesishiyagalombili, o, ngaphezu kwalokho, cishe iminyaka engamakhulu angamashumi amabili nambili, cishe iminyaka engamakhulu angamashumi amabili nambili, u-Israyeli uyisizwe futhi. Ifulege elidala kunawo wonke emhlabeni, inkanyezi enamachopho ayisithupha kaDavide, liyandiza futhi, futhi okokuqala ngqa iminyaka engamakhulu angamashumi amabili nambili, futhi uJesu wathi, "Lapho eqala ukuveza umqumbe wakhe, isikhathi sisemnyango." U-Israyeli, ekhuluma namaJuda.

118 Manje bhekisisani, Wathi, ". . . lapho zonke ezinye izihlahla ziqala ukuveza." Ibandla lamaRoma Katolika libe nokushanela okukhulu kunakho konke eselake laba nakho, ibandla lamaProtestani libe nemvuselelo enkulu kunazo zonke elaba nayo, uBilly Graham, noJack Shuler, amaPentecostal abenemvuselelo enkulu kunayo yonke ababanayo, u-Oral Roberts, uTommy Hicks nabo bonke abanye, amadoda amakhulu, imvuselelo.

119 Qaphelani, amandla abe nemvuselelo, amandla esizwe. Kukhona imvuselelo eqhubekayo manje, "Ubani ozoba amandla amakhulu kunawo wonke na?" UbuKhomanisi, wonke umuntu, nizwa abashumayeli bemi epulpiti bekhuluma, "O, asesabe ubukhomanisi!" Umbhedo. Ngikhombise umBhalo lapho ubukhomanisi buzobusa umhlaba; ubuRoma buzobusa umhlaba, hhayi ubukhomanisi. Bheka embonweni wenkosi uNebukadinesari, iZwi leNkosi, ikhanda legolide, ithusi lehle liye ezinyaweni zamaRoma, okwakuyinsimbi, futhi akuzange kuguquke. Itshe lafika ngenkathi lisasensimbini futhi walishaya. Khumbula ukuthi ekugcineni kwaxutshwa nobumba, ubuthakathaka, ubumba nensimbi ndawonye.

120 Lomhlangano omkhulu abasanda kuba nawo, phezulu lapha, phakathi kukaKhrushchev no-Eisenhower, niyazi ukuthi *Khrushchev* kusho ukuthini ngolimi lwakhe lwesizwe na? *Khrushchev* kusho "udaka, ubumba." Niyazi ukuthi *Eisenhower* kusho ukuthini ngesiNgisi na? "Insimbi." Futhi ngisho nokukwenza kucace kakhulu kubantu, uKhrushchev wakhumula isicathulo sakhe futhi washaya ideski; ngeke bavume. Yini ezobusa na? IRoma izobusa. Umfelandawonye wamabandla, nobuKatolika, uyokubopha ndawonye, futhi nakho lapho okhona, amandla abusayo. IBhayibheli liyasho ukuthi, leyo yiMbewu, engeke yehluleke.

121 Manje, buka namuhla, ingabe lopapa omusha akamemi wonke amabandla amaProtestani angene na? Abahambi na? Kuthiwani ngamaPentecostal enu na? Into efanayo, umfelandawonye wamabandla. Nakho lapho okhona, leyombewu izofanele ifezeke. Lokhu kufanele kwenzeke. Ifanele ivuthwe, sekuyisikhathi sokuthi ivuthwe. Abantu, benzeni? Hlelani futhi niqhubeke nokwakha izakhiwo ezinkulu,

nezinhlangano ezinkulu, amahlelo amakhulu, futhi kwenzekani konke na? Into efanayo, khona impela iBhayibheli elathi bayokwenza.

122 Yilokho uNkulunkulu-mProfethi, uJesu Kristu, athi kuyokwenzeka, amaJuda ayeyobuyiselwa, futhi kuyoba khona imvuselelo enkulu phakathi kwabo njengesizwe, ehlangana ndawonye njengesizwe. Kuzobakhona imvuselelo phakathi kweMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, kanjalonjalo, imvuselelo phakathi kwamaPentecostal, futhi nakho lapho okhona. Isizwe siyobe silwela isizwe, imbewu ivuthiwe. U-Israyeli uba yisizwe emva kweminyaka engamakhulu angamashumi amabili nambili. Kwenzekeni na? Amabandla onke ahlangana enemvuselelo. Kulungile, mnumzane.

123 Manje, enye iMbewu enkulu yatshalwa. Wathi, ngezinsuku zokugcina, kuThimothewu wesiBili, isahluko 3, kwakuzofika phakathi kwebandla ukuhlubuka ekukholweni kweBhayibheli. Kunjalo. Ngabe leyo yiMbewu na? Ingabe lokho kuyisithembiso na? Babuke namuhla, buka amabandla ethu. Enzani na? Bayazihlela ndawonye, bayasebenzisana ndawonye, bezibopha ndawonye, ukwehluleka, ungakholelwa eBhayibhelini, ungakholelwa kwe—kwelangempela, iZwi likaNkulunkulu leqiniso.

Wena uthi, "IBhayibheli lisho *lokhu*."

124 "Lezozinto sezadlula. Ayikho into enjalo. O, lapho—ayikho into enjalo. Izinsuku zezimangaliso selwedlula, kudala. Ayikho into okuthiwa umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, lokho kwakungokwedlanzana labantu, abayishumi nambili emuva lapho, abaphostoli." Niyabo? Iyini leyo mbewu na? Iyavuthwa, iyimbewu yesibonakaliso sesikhathi sokuphela.

125 Wathini uJesu na? "Lapho nibona lezizinto zenzeka, phakamisani ikhanda lenu, ukuhlengwa kwenu kuyasondela," eBandleni. Sibonile ukuthi uzowa. Kulungile. Siyakuthola lokho. Kulungile.

126 Manje, sithe, ngezinsuku zokugcina, uJoweli wasitshela, enye ingxenye yemiBhalo, lalelisisani manje, ukuthi kuzoba nemvula yokuqala neyakamuva ngenkathi yonyaka efanayo. Mangaki amaKristu akwaziyo lokho na? Thanini, "Amen." Impela. Ini?

127 Manje, ngolunye usuku, ngokumangala kwami, lapho ngibuka, imvula yokuqala neyakamuva yayizofika ngenkathi yonyaka efanayo, manje, igama *yakuqala* ku, igama lesiHeberu, thola isichazamazwi sakho ilexikoni sesiHeberu futhi uthole, igama lesiHeberu elithi *yakuqala* lisho ukuthi "moureh," *moureh* kusho "ukufundisa." "Kuzofika imvula yokufundisa." Kuyini na? Ukufaka izimbewu emhlabeni.

128 Yini eyenzekile na? Kwenzekeni na? Awu, sithola ukuthi kube khona imvula yokufundisa eqhubekayo. Abantu

beBaptisti, "Isigidi ngaphezulu ngo '44," kwakuwumgomo wabo, amalungu ebandla. Izimvuselelo ezinkulu zikaBilly Graham, lowomvangeli omkhulu, bukani ukuthi wenzeni, bukani u-Oral Roberts namaPentecostal; kube khona imvula yokufundisa ephumile.

129 Kube khona imvula yokufundisa kazwelonke, ubukhomanisi obuhlwanyelwe phakathi kwabantu, zonke izizwe.

130 Kube khona imvuselelo yamaRoma. Uyazi ukuthi kwenzekani na? Uma bebuyisela ingxenye esentshonalanga, noma, ingxenye esempumalanga yeBerlin, lokho kubeka ubukhomanisi nje, noma, ngiqonde umbuso wamaRoma, khona impela esiyingini esidala kwakungesikhathi sikaJesu, impela kuyakwenza, ngokuphelele.

131 Kukhona imvuselelo eqhubekayo. Kuyini na? Ukuhlwanyela. Awusezwa okuningi ngoBilly Graham, uyakuzwa na? Kuthiwani ngo-Oral na? Kuthiwani ngabo bonke abanye na? Uyazi ukuthi umlilo omkhulu wemvuselelo awuvuthi. Kuyini na? Kuyisibonakaliso seMbewu yesikhathi sokuphela. AmaZwi ahlwanyeliwe. Kuyini na? Ihlelo lizovuna ihlelo, elibenza bazihlanganise ndawonye.

132 Kodwa iZwi likaNkulunkulu lihlwanyeliwe futhi, futhi lapho uMoya kaNkulunkulu uqala ukuwa, iZwi likaNkulunkulu liyophila kubantu. Nalowomlobokazi wamanga ophingile phandle lapho, futhi waziletha ezivumwenikholo, futhi wathengisa ngobuzibulo bakhe uzovunani na? Umfelandawonye webandla, ozoboshwa futhi ushiswe njengameva namakhakhasi. Kodwa lapho iZwi likaNkulunkulu lihlwanyeliwe ezinhliziyweni zabantu, Liyovuna uMlobokazi kaKristu, ngokuqiniseka njengoba ngimi lapha. Isibonakaliso sesikhathi sokuphela.

133 Yini indaba, Bandla likaNkulunkulu na? Yini indaba ngathi na? Yini indaba ngani maBaptisti, nina maPresbyterian, Assemblies of God, iJesus Only, nonke nina na? Yini indaba ngathi na? Aniboni na? Imbewu, musa . . . qaphela ukuthi hlobo luni lwembewu oyithatha esibelethweni sakho senhliziyo yakho. Ungathathi izivumokholo, thatha iZwi.

134 Sebekhulume kakhulu nge "mvula yakamuva." Hhayi ukunilahla nina bazalwane beLatter Rain, kodwa lokho akuyona "imvula yakamuva," ukuba imvula yakamuva ibikhona, amandla kaNkulunkulu abeyoshaya leyonto, futhi ibiyoshanela izwe. Imvula yakamuva ilungiselela ukufika. Yini indaba na? Ibandla lizakhela into ethile njengoba nje u-Eva azama ukuyenza, wazama ukuba nokuKhanya okwengeziwe ukuze akhe okuthize.

135 Senze into efanayo, sizama ukwenza okuthile kithi uqobo. Susa isandla sakho kuLo, vumela uNkulunkulu akwenze, thatha iZwi laKhe futhi uLikholwe, Libambe enhliziyweni yakho,

futhi lapho imvula iqala ukuna ukuPhila kuzobamba, neZwi lizoZibonakalisa.

136 Ngiqagele nicabanga ukuthi ngiyahlanya, kodwa anginjalo; uma nginjalo, ngiyekeni, ngijabule ngalendlela. Ngakho, ngiyalikholwa iZwi likaNkulunkulu. Yini indaba ngebandla na? Isibeletho sakhe, umqondo wakhe—wakhe ovulekile, wemukele zonke izinhlobo zezivumokholo nezimfundisoze, futhi hhayi iZwi likaNkulunkulu. Ngenkathi uKristu efika Wathola into efanayo u-Adamu ayithola, into efanayo uJehova ayithola. Futhi nazi lezizibonakaliso esikhathini sokuphela zivela, futhi ibandla alinayo impendulo, kunjalo, sekuyisikhathi.

137 Imvula yokuqala isiphumile, yingakho uBilly engenzi okuningi. Khumbula, kwakukhona phakathi e . . . UJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Kwakukhona iziNgelosi ezimbili ezehlela kwabaseSodoma. Khumbulani, uLoti wake wahamba no-Abrahama. Ibandla lake lahamba enhlanganyelweni noKristu, neZwi, kodwa bathengisa ngobuzibulo babo ngenxa yehlelo. Manje, uthengisa yonke into futhi uhlela umfelandawonye owodwa omkhulu webandla.

138 Yilokho impela okwenzeka kuLoti, wehlela lapho, iziNgelosi ezimbili, u-Oral Roberts, noBilly Graham, njengoba bekungaba njalo ngalolusuku, wehlela lapho, wayesebeka iVangeli kubo. Kwenzekani na? Ihlazo lize liphume ngisho kukho.

139 Kodwa u-Abrahama, Omunye wema emuva kanye naye. Kwakukhona Oyedwa ambiza ngokuthi nguNkulunkulu. Futhi isibonakaliso Asenza lapho phambi kwabo, senzani na? Kwafakazisa lokho Ayeyikho. U-Abrahama wayengoKhethiweyo, ngoba waye . . . U-Abrahama wayenesithembiso. Futhi manje bukani, lena yiNzalo ka-Abrahama, isithembiso asenziwanga ku-Abrahama kuphela, kodwa iNzalo yakhe. Hhayi inzalo yakhe u-Isaka, yehluleka, yafakaza ukuthi yakwenza, kodwa iNzalo, ukukholwa ayenakho, kungakhathaleki ukuthi izimo zazinjani, kwakuphambene kanjani nemvelo, ukuthi udokotela wathi kwakungenjalo kangakanani, u-Abrahama, emva kokuba esenesithembiso asiphiwa, kuyilapho kwakungenakwenzeka.

140 Washada udadewabo cishe iminyaka eyishumi nesikhombisa ubudala, udadewabo ingxenye, babengenabantwana, kwathi eseneminyaka engamashumi ayisithupha nanhlanu yena eneminyaka engamashumi ayisikhombisa nanhlanu uNkulunkulu wabonakala kuye futhi wathi, "Uzoba nengane kuye." Ngani, wathatha . . . wathatha iZwi laKhe, walilungiselela. Eminyakeni engamashumi amabili nanhlanu emva kwalokho akwenzekanga lutho, manje useneminyaka eyikhulu ubudala, futhi yena uneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye, lokho akuzange kumvimbe nakancane,

"Akazange antengantenge ngesithembiso sikaNkulunkulu ngokungakholwa."

141 Lokho ngukukholwa, lokho yiNzalo yobuKhosi ka-Abrahama, lolo wuhlobo lweNzalo ethatha iZwi likaNkulunkulu, yilokho okuyoletha uMlobokazi, yilokho okuzohlangana noKristu. UyiZwi.

142 Futhi uma iBandla lihlwanyelwe nenye into ngaphandle kweZwi, Lingeke lihambe ukuhlangana naYe. Akanawo umzimba oyilumbo onesikhunta kuwo, UnoMzimba ophelele, futhi UyiZwi eliphelele. NeBandla lizohlwanyelwa futhi likholwe eZwini eliphelele. NeZwi eliphelele neZwi eliphelele kuzohlangana ndawonye njengenyama eyodwa noMzimba munye, njengoba injalo indoda nomfazi. Amen. Angiziameneli mina, kodwa u *amen* kusho ukuthi "Makube njalo." Ngiyakukholwa, noma kanjani. Yebo, mnumzane.

143 Imvula yakuqala isiphumile. Imvula isilungiselela ukuna. Yini ezoveza na? Bheka nje.

144 Esinye isibonakaliso: intombi engahlakaniphile. UJesu washo, ngaphambi nje kokufika koMyeni bekuyoba khona intombi ehlakaniphileyo enamaFutha esibani sayo, nengahlakaniphile. Futhi intombi engahlakaniphile yayiyovuka ngolunye usuku futhi ithole ukuthi yayingenawo amaFutha esibani sayo, lapho kufika indawo, "Bheka uMyeni uyeza." Yilokho ukumemeza okuyikho manje, "UKristu uyeza." Futhi yaphaphama yathola ukuthi yayingenawo amaFutha.

145 *AmaFutha* kusho "UMoya." UMoya yiwo oletha i—iZwi ekuPhileni. UMoya ungaManzi aletha iZwi ekuPhileni. UKuphonse ngaphandle, uthi, "Awu, kuthiwani ngalamabandla na?" Uma behlwanyela imbewu yehlelo Uzophilisa lokho, uMoya kaNkulunkulu uzokuphilisa lokho.

146 IBhayibheli lathi, "Imvula inela abalungileyo nabangalungile." AmaHeberu ese 4 isahlu-. . ., e, ese 3 . . . Isahluko 6 sithi imvula ifika njalo ukuzonisela izithelo zomhlaba, kodwa ameva namakhakhasi ajabula kakhulu nje futhi aphila kakhulu nje emvuleni njengoba engakwazi. "Kodwa niyakubazi ngezithelo zabo." Kunjalo impela. Nakho la ukhona. Manje, ngenkathi bekubona lokho . . . Niyabo, izithelo zizoqoqwa, imvula isilungiselela ukuna. Ihlelo lizochamusela ihlelo, yilokho kuphela. Kodwa iZwi lizochamusela uKristu, uMlobokazi, impela. Hlwanyela iZwi leMbewu. Manje, ngenkathi intombi ehlakaniphile . . .

147 Niyiqaphelile *iVoice* yeChristian Business Men na? Ngibakhulumela emazweni omhlaba, angikwazi ukubancenga, Leli yiZwi. Bukani, kuthiwani ku . . .? Bukani lapha kumaPresbyterian, i-Episcopalian, amakhulu abo, yonke indawo, bezama ukufuna uMoya oNgcwele. Badlala into enkulu kakhulu.

148 Umngane wami oyigugu, umfundisi wase-Afrika, indoda enhle, indoda esaba uNkulunkulu, ngambuza, "Awazi ukuthi kuyini, Mfowethu na? Iyini inkonzo yakho na?"

Wathi, "Ngifanele ngingenise iBabiloni."

149 Ngacabanga, "Aniboni, ngaso lesosikhathi intombi engahlakaniphile ifuna amaFuthi okwenza imbewu yayo ikhule futhi, leso yisikhathi uKristu afika ngaso futhi ishiywe ngaphandle?"

150 Umshumayeli omkhulu uBilly Graham usanda kusho ukuthi sidinga iPhentekoste, sidinga abantu babuye. Ama-Episcopalian abhala isihloko esihle, ifolda ende *kangako*, athi, "Sidinga abakhuluma ngezilimi. Sidinga abaphulukisi ngokukaNkulunkulu eBandleni elinezinkonzo zokuphulukisa, abantu ngaphandle bekhulekela abagulayo." Bazama ukwenzani na? Ukuthola amaFutha esibani sabo, ncamashi. Leso isibonakaliso seMbewu yesikhathi sokuphela. Amen. Esazama ukwenza lokho, uMyeni uyafika noMlobokazi wangena, wavalelwa ngaphandle. O, usuku oluhle kanje pho esiphila kulo!

151 Ngifuna ukusho into eyodwa kuphela: usizi phakathi kwezizwe. O, he! Okubonwayo okungesabi emazulwini, niyakholwa ukuthi kunjalo na? Bukani, sithatha nje okuthi akube kubili kwakho. Ingabe sinayo eminye imizuzu ethi ayibe mibili, ukuze sifike ekugamanxeni kwelesishiyagalolunye na? Angifuni ukubamba ihholo elikhulu. Thina . . . Kunomusa kulababantu, basivumele sibe nalo.

152 Lalelani, bangaki, nani nonke, nisibonile isizwe sinyakazisiwe muva nje ngezibonakaliso. Nibonile ukuthini, lendoda emzileni wezinkanyezi ngolunye usuku? Yathola izinto phezulu lapho engakaze, isayensi ayazi ngisho nokuthi ziyini, lapho izungeza umhlaba, nokho babheka futhi babheka futhi babheka, kodwa abazange bazibone, yacabanga ukuthi umzila wayo wezinkanyezi wawuzoba yizicucu, kwakungenjalo, umzila wayo wezinkanyezi wawulungile, izibani.

153 Bheka ukuthi yini esanda kwenzeka ngale ku . . . nikubonile emsakazweni, nakubona kuthelevishini, bekukhona ephephandabeni, amasoso andizayo yonke indawo. Futhi iPentagon yakukhipha ngolunye usuku, cishe emavikini ayisithupha edlule, bekungeyona into eqanjiwe, baze bakukhombisa ngisho nakuthelevishini ukuthi bawababamba kanjani lamasoso, ngobuhlakani, izibani ezehlayo, zilenga phezu kwePentagon kanjalo, kulo lonke elaseWashington, DC, futhi bakubamba ngesibonisi irada, futhi babenabashayeli bezindiza phezulu lapho, futhi babengena bebazungeza ngqo, babazungeze, bahamba ngesivinini sombani, ubuhlakani. Kuyini na?

154 UJesu wathi kuyakuba-khona izibonakaliso ezesabekayo, nokubonwayo ezulwini, izinhliziyo zamadoda zehluleka, ukwesaba, ukudideka kwezikhathi, usizi phakathi kwezizwe. Anisiboni lesosikhathi seMbewu sesifikile manje, isikhathi sokuvuna, izinto iBhayibheli elathi ziyofezeka na? LeyoMbewu etshaliwe, aniboni ukuthi Ithathe ukuphila futhi yaphila na? Yileyo indaba.

155 Manje, enye into eyodwa nje, lalelani, ngaphambili, manje lalelisisani, ningehluleki ukuthola lokhu manje, ngaphambi kokuFika kukaJesu kokuqala, izazi zezinkanyezi zaseNdiya, oMegi, ngike ngaba isithunywa senkolo eNdiya, futhi ngaxoxa noMegi ngalokhu, futhi babebhekile, babeyizazi zezinkanyezi, bebuka imizimba yasezulwini. Futhi bathi uNkulunkulu uhlala eZimemezela emzimbeni wasezulwini ngaphambi kokuba Enze emhlabeni, ngaphambi kokuba Enze noma yini.

156 Futhi bathi, "Ngani, ngenkathi lokhu, izazi ezintathu zahamba zayokhonza leNkosi eyayizobusa umhlaba, ingane eyiNkosi, abalandela inkanyezi, kusho umBhalo wakho." Wathi, "Kodwa ngokusobala, kwakukhona izinkanyezi ezintathu ezahlangana futhi zenza lenkanyezi eyodwa." Futhi bathi, "Lokho . . ." Isazi sezinkanyezi esingumKristu engangikhuluma naso, noma, umegi, wathi, "Lokho kusho ukuthi kwakunezinhlanga ezintathu zabantu ezafelwa yiloMuntu. Izinhlanga ezintathu kuphela olukhona, nguHamu, uShemu, kanye nabantu bakaJafete, futhi lapho iVangeli laKhe selishunyayelwe kuHamu, uShemi, kanye nabantu bakaJafete, bahlangana ndawonye eVangelini laKhe, khona-ke ukuBuya kuzoba khona."

157 Kulungile uma efuna ukukukholwa lokho. Isithathu yinombolo yokupheleliswa. Kodwa ngikholwa ukuthi kwakuyini lokho okuthathu na? Yini esiyikholwayo na? Kwakungukupheleliswa kokuthathu okukhombisa ukuthi ubuthathu bukaNkulunkulu, uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele, wabonakaliswa kuMuntu, UJesu Kristu, uMuntu oyedwa ophelele. Bonke abanye abantu behluleka, konke okunye kwase kufile, kodwa nakhu kufika uMuntu owayengenakufa, ukuphelela, okwathi ngisho nokufa kwakungeke kuMbulale, wavuka futhi.

158 Isithathu yinombolo yokupheleliswa, sonke siyakwazi lokho, isithathu yinombolo kaNkulunkulu ekubaleni kwaKhe. UNkulunkulu waziwa ngezinombolo zaKhe, isithathu kungukupheleliswa, nesikhombisa kungukukhonza, amashumi amabili nane ukukhonza, amashumi amane yisilingo, amashumi amahlanu yiPhentekoste, ijubili, niyabo, nokunye nokunye. Zonke izinombolo zaKhe, izinombolo zaKhe zikaNkulunkulu ziphelelisiwe, zisekupheleliswени. Manje, okuthathu yinombolo yokupheleliswa. Ngaphambi nje lapho, lalelisisani manje, ngenkathi ingane encane uKristu ezalwa, izinkanyezi ezintathu

zahamba ndawonye futhi zenza inkanyezi eyodwa yokusa, eyabonakalisa ukuFika kosana uKristu, Ophelele.

159 Manje, kwenzakaleni na? Sibona ukubhonga ephepheni, kuthelevishini ezizweni zonke, lapho izinkanyezi ezinhlanu zisanda kuwela emgqeni nomhlaba. Siyini isihlanu na? Inombolo yomusa. Njalo lapho lezo zinkanyezi zifika, khona-ke kukhona okwenzekayo emhlabeni. Kwenzekeni na? Kwawela ngaphakathi izinkanyezi ezinhlanu. Kwakuyini na? I—isethulo sani na?

160 Kusukela lapho, bheka nje ukuthi kwenzekeni, iJalimane yacishe yagezeka emephini, abanye oMegi basho ukuthi umhlaba uyoqhuma njengekhabe, zonke izinto ezinosizi eziprofethwe yibo ngezinsuku zokugcina. Bukani ukuthi kwenzekeni, iNgilandi, ngoluny'usuku, yaba ne—isiphepho esaphephula izindlu eziyizinkulungwane ezingamashumi ayisikhombisa, usuku olulodwa. Izinhlekelele yonke indawo, eCalifornia, eLos Angeles zacishe zakhukhulekela olwandlekazi. Kuyini na? Ukuqala kosizi. Ukuzamazama komhlaba sekuqubule yonke indawo. Kungani kunjalo na? Izinkanyezi ezinhlanu zingena emugqeni, umusa, umusa kaNkulunkulu.

161 Kwenzekeni na? IBandla eliwusana, haleluya, uMlobokazi, ubusana, ukuthi amandla kaNkulunkulu aseqalile ukuwela phezu kwaKhe, Uthatha isimo, uMlobokazi waloMyeni. Ukuthi izinkanyezi ezintathu zazisho ukuphelelisWa kwaKhe kukaBaba waseZulwini, kaziqu-zintathu eba Munye emhlabeni phakathi kwethu, Izikhundla zikaNkulunkulu ziba yisikhundla esisodwa. Kwenzekeni manje na? YiBandla likaNkulunkulu ophilayo lihlangana ndawonye ngaphansi kweZwi likaNkulunkulu, nezulu lezinkanyezi limemezela ukusondela kwaKhe. Amen. Ungahle ungakukholwa lokho, kodwa yiZwi elifanayo nje. Yebo, mnumzane.

162 Kwenzakani na? Ngiyavala, ngingahle ngisho lokhu: Bangane, iBandla liyaphuma. UNkulunkulu uzoba neBandla elingenabala noma umbimbi, futhi Limiselwe ngaphambili, uNkulunkulu washo njalo, Uyoba naLo, lokho kuyakulungisa. Ubani oyilungu na? Angazi. Ngethemba kube yimina, ngiyakwethemba ukuthi uyilungu. Kodwa Uzoba noMzimba ongenabala noma umbimbi.

163 Futhi ngikholwa ukuthi lezizibonakaliso zezinsuku zakamuva nezinto ezenzekayo, zonke zazo zicwecwa ndawonye ukukhombisa ukuthi uKristu uselungele ukuzela loMlobokazi. Njengoba uNkulunkulu eZwini laKhe ebonakaliswa kuMuntu, uMuntu ophelele, unjalo noNkulunkulu neZwi laKhe ebuya futhi, futhi Ezenza azibonakalise kuMlobokazi. Ngeke enze njengoba kwenza u-Eva, waLibhastelisa kwenye into ethize, kodwa iZwi likaNkulunkulu elingonakalisiwe liyozalelwa kuleloBandla, futhi Uzoma njengoba kwenza uJesu Kristu,

nogcobo loMoya waKhe eZwini laKhe. Amen. Ngikholwa ukuthi yisimemezelo manje.

164 Umprofethi wathi, "Kuyofika usuku olungayikubizwa ngemini noma ubusuku, kodwa ngesikhathi sokuhlwa kuyakuba ngukuKhanya." Nonke nina bafundi beBhayibheli niyakwazi lokho. Kwenzekani na? Impucuko ihamba isuka empumalanga iye entshonalanga. I-Shayina iyimpucuko endala kunazo zonke esinayo. Impucuko iqala empumalanga, yahamba nelanga, iya entshonalanga. Ikuphi manje na? OGwini lwaseNtshonalanga; uma iqhubekela phambili ibuyela empumalanga futhi. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

165 Ilanga elifanayo eliphuma empumalanga yilanga elifanayo elishona entshonalanga, ilanga i s-u-n elifanayo. NeNdodana i S-o-n efanayo, iNdodana kaNkulunkulu eza emhlabeni ukuzothatha umlobokazi imyise kubantu basempumalanga, futhi lowomlobokazi wazingcolisa njengoba kwenza u-Eva, njengoba kwenza umlobokazi kaJehova, leyoNdodana efanayo ekhanya lapho, eyakhanya lapho ngamandla aYo afanayo phezu kwePhentekoste, ukuvuthiswa iMbewu Ayeyitshalile, yona leyoNdodana iyakhanya manje emkhathizweni wasentshonalanga. Kukuphi na? Vuthiswa iMbewu etshaliwe ukuba iveze uMlobokazi. UkuKhanya kwakusihlwa kweVangeli kuzoveza uMlobokazi, amen, weNkosi uJesu. Kukhona ezinye zezibonakaliso zeMbewu yakusihlwa, amakhulu azo.

166 Sisalelwe imizuzu emihlanu ngaphambi kokuvala. Ingabe ungomunye waba-. . .? Uyakholwa ukuthi ungomunye walezoMbewu na? Uyakholwa ukuthi inhliziyo yakho ihlwanyelwe ngeVangeli elingonakalisiwe, akukho lutho emhlabeni okungakhipha iZwi likaNkulunkulu enhliziyweni yakho na? Uyakukholwa lokho na? Uma kungenjalo, mngane wami, ngingahle ngingaphinde ngikubone ebusweni balomhlaba, kodwa khumbula: iZwi leNkosi nemfihlo yeNkosi kwazisiwe kubaprofethi baYo, abaprofethi baYo bakhuluma ngaLo, naLi likhona lapha manje, siyaLibona lifezeka, ngiphinda abakusho esexwayisweni kini.

167 Uma ungenazo lezoziMbewu, futhi uma ulapha kulobubusuku, futhi ungeyena umKristu, wena, mhlawumbe uyasonta, ungalithathi leyoshansi, mfowethu, ungazilaleli lezozinto, lolo udaba olubhasteliwe, IZwi likaNkulunkulu lifanele liphile kuwe ngokuphakeme kakhulu, njengoba Lenza kuJesu Kristu, ngokuba UyiNhloko, UMzimba waKhe ungebe yinto *eyodwa*, neNhloko yaKhe ibe *enye*, Kufanele kube yiZwi elifanayo. Uma ibandla lakho likuhlinzekela kuphela izivumokholo nezimfundisoze ezingezona ezingokomBhalo, ungakukholwa. Ungeke wajoyina ebandleni, uzalwa eMzimbeni ngeZwi likaNkulunkulu ophilayo. Futhi uma ungakakutholi lokho, ungathathi ishansi.

168 Uma wehlela lapha uku—ukuthenga isitsha sesobho, futhi lalinesicabucabu phakathi kulo, ubungamangalela indawo othenga udlele kuyo. Ngani, ubungeke ulidle ngeze, ngoba wesaba ukuthi uzobhubhisa lomzimba. Mfowethu, ungakwesabi okungabhubhisa umzimba, kodwa Ubani ongabhubhisa i, kokubili umphefumulo nomzimba esihogweni. Uma ukhethekile ngokudla kwakho, ubungeke udle noma yini engcolile ukuze wenze lomzimba ugule noma uwuvimbele, bese-ke ugwinya noma yiluphi uhlobo lwesivumokholo ngomphefumulo wakho oPhakade, lapho lomzimba uzofanele ubhubhe na? Ungavumeli udeveli ahlohle leyonto emphinjeni wakho.

169 Uzalwa ngokusha ngoMoya kaNkulunkulu, futhi umoya wakho uzofakaza ngawo wonke amaZwi uNkulunkulu awalobe *Lapha*, futhi zonke izithembiso Azinikezile zizozibonakalisa kuwe. UMoya kaNkulunkulu uzofika futhi uphile kuwe. UnguMzimba kaKristu, umfanekiso waKhe lapha emhlabeni. Uma ungenakho lokho, uma ungakwazi ukukholelwa ukuphulukisa kukaNkulunkulu . . .

170 Uma ulapha futhi ugula, futhi ukholwa ukuthi uNkulunkulu uzokunika ukuphulukisa kukaNkulunkulu, vele ubeke leloZwi, "NgiyiNkosi eyelapha zonke izifo zakho." "Nkosi, ngiyakukholwa." Bheka ukuthi kwenzekani. Uthi, "Nkosi, ngiyakholwa," vula yonke imigudu, "futhi nangu mina." Bhekisisa ukuthi kwenzekani, ngokufanayo njengoba ngenza, leyontombazane encane, eyayifa ngoluny'usuku, izinkulungwane zabanye emhlabeni jikelele.

171 Ngama ngababona eduze ne . . . Ngibonile . . . ENingizimu Afrika ngenza umkhuleko owodwa phezu kwesigejane sabantu, futhi balinganisela, kwathatha imithwalo yamathrakhi amakhulu ayisikhombisa . . . He, aninalo ithrakhi eGeorgia njengelinye lawo, cishe amasondo ayisithupha noma ayisishiyagalombili ngapheseya lapha! Futhi ngakusasa ekuseni, nemeya yedolobha ihlezi lapho, yeza efasiteleni yayisithi, "Mfowethu Branham, yehla, ubuke *lapha*." Behla ngomgwaqo, nabo behla ngomgwaqo nomthwalo wamaveni ayisikhombisa ezinduku zokuqhugela, nezihlalo ezinamasondo, na—nakho konke abantu ukuthi . . .

172 Angizange ngithinte namunye wabo, ngavele ngaletha iZwi, ngabatshela ukuthi baLikholwe, futhi balikholwa. Futhi abantu ababekulezizinto ngayizolo, nampa babehamba behla ngomgwaqo izandla zabo phezu kwenhliziyo yabo, becula ngolimi lwabo lwendabuko, "Konke kuyenzeka, Kholwa Kuphela."

173 "Wathumela iZwi laKhe," yilokho kuphela okwenzayo ukuthumela iZwi neBandla liyaLemukela. Ozelwe nguNkulunkulu wemukela uNkulunkulu, uyakholwa

nguNkulunkulu. UyaMkholwa na? Asikhothamise amakhanda ethu. Ngizokhulekela lamaduku.

174 Amakhanda enu ekhotheme futhi wonke amehlo evaliwe, ngithanda ukukubuza umbuzo obalulekile. Uma ungalungisene noNkulunkulu, uma kukhona okuthize kuwe, ngeke kukuvumele ukuthi ukholwe ukuthi leliBhayibheli liyiZwi likaNkulunkulu eliphefumulelwe, ubungeke ukholwe ukuthi ubungaphila ngokwemithetho yaLo, ubungenza okungangokuthi uphakamise izandla zakho, futhi uthi, "Nkulunkulu, yiba nomusa. Ngifuna ungikhulekele, Mfowethu Branham, ukuthi ngizoba yilolohlobo lomKristu." Ingabe nikhona na? Phakamisani izandla zenu. Ngi. . .Ngiyabonga, Nenekazi eliseliNcane, ngiyabonga, uNkulunkulu akubusise. Kulungile. Kukhona umuntu oyedwa esakhiweni ocabanga lokho, ababili babo abacabanga lokho.

175 A—angiyena omunye walababantu ukuba ngibancenge uma iZwi lingakwazi ukukunyakazisa. Ungakwenza kuphela njengoba umiselwe ngaphambili ukuLikholwa. Niyakhumbula, nakuba uJesu enza izimangaliso eziningi kakhulu, abaFarisi abakwazanga ukuLikholwa, abakwazanga ukuLifaka ekhanda labo, ngoba babengafanele babe ngaleyondlela. Futhi uma inhliziyo yakho ilukhuni kakhulu kangangokuthi wazi khona lapho ukuthi leloZwi likaNkulunkulu alisebenzi ngokwaLo ngawe, futhi-ke ngeke niphakamise izandla zenu kuNkulunkulu ukuba nicele umusa, nizokwenzani ngoSuku lokwaHlulela na? Kulungile.

176 Ingabe ukhona ogulayo ongathanda ukukhunjulwa na? Phakamisa isandla sakho. Ezintathu noma ezine, ezinhlanu, eziyisithupha, eziyisikhombisa, eziyisishiyagalombili, cishe eziyishumi zazo.

177 Kulungile, asikhothamise amakhanda ethu. Ungangabazi. Wena, dadewethu omncane emuva lapho ophakamise isandla sakhe, "Ngikhumbule," uNkulunkulu akubusise, Dadewethu, abusise inhliziyo yakho ethambileyo. Futhi sengathi iZwi likaNkulunkulu lingagxila enhliziyweni yakho encane kulobubusuku, ube yisithunywa senkolo kuKristu.

178 Lendoda ephakamise izandla zayo kamuva nje lapha, Mfowethu, izinwele zakho sezimpunga, kodwa khumbulani u-Abrahama wayeneminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala ngaphambi kokuba uNkulunkulu aze akhulume naye. Kwangathi uNkulunkulu angatshala izimpande zaKhe zeZwi enhliziyweni yakho kulobubusuku, lapho imvula enkulu ina, kwangathi ingavezi isivumokholo nje, sengathi ingaveza uKristu ebonakaliswe kuwe.

179 Ngamunye wenu ophakamise isandla sakhe ngokokuphulukiswa, iBhayibheli lathi, "Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo, futhi uNkulunkulu uyakubavusa." Uma iMbewu ilele enhliziyweni yakho,

ngizokhuleka ukuthi uMoya oNgcwele uzonisela leyoMbewu khona manje; kukhona okuzokwenzeka.

180 UNkulunkulu akakhethi bala lamuntu, uma Ezosindisa oyedwa, Uzosindisa omunye oyoLikholwa. Uma Ephulukisa oyedwa, Uzophulukisa omunye, kodwa ufanele ukukholwe. Uma ukukholwa, ngizokukhulekela manje.

181 Baba wethu waseZulwini, ngibambe isandla sami phezu kwamaduku abekwe lapha. Omunye uye, mhlawumbe, unothandekayo endaweni ethile ogulayo futhi ohluphekile, kukhona okungalungile ngabo, mhlawumbe umama ndawana thize enencane, ingane egulayo, mhlawumbe omdala, ubabayi oyimpumputhe, ehlezi emuva kwenye indlwana encane phandle lapha ndawondawo eGeorgia, mhlawumbe oyedwa esibhedlela ndawana thize; futhi Wena wazi zonke lezizinto. Nkosi, sazi lento eyodwa, ukuthi Wena unguKristu Osevele ukuthengile ukuphulukiswa kwabo. Ngithumela iZwi laKho ngendlela yomkhuleko, Nkosi. Ulithumelile iZwi laKho.

182 Owesifazane uza kuWe, wathi, "Nkosi, yiba nomusa kimi, Wena Ndodana kaDavide." Futhi Wawungesiyo iNdodana kaDavide kuye, wayengoweZizwe. Yena . . .

Wena wathi, "Akulungile kiMi, ngithathe isinkwa sabantwana, ngisiphe izinja zenu."

Wathi, "Kuyiqiniso lokho, Nkosi, kodwa izinja ziyothatha imvuthuluka ngaphansi kwetafula labaninizo."

183 Wena wathi, "Ngenxa yalelizwi indodakazi yakho izophila." Futhi sithola ukuthi ngenkathi Ufika ekhaya, noma, ngenkathi efika ekhaya, iZwi laKho lase livele selifikile lapho, layiphulukisa intombazane.

184 Ubaba wake, ngomntwana wakhe, wabuza ukuthi kwakusikhathi sini. Wathi, "Cishe ngehora leshumi nanye umkhuhlane wamyeka," Wathumela iZwi laKho. Nkosi, ngithumela iZwi laKho ngomkhuleko wokukholwa, ngiLithumela kuleyo ntombazanyana lapho ephakamise isandla sayo, ngiLithumela kuleyondoda ephakamise isandla sayo, sengathi Lingabamba, kulobubusuku, kube yinsindiso. Siphe khona, Nkosi.

185 Manje, Wena wathi, "Okholwayo . . . owezwayo amaZwi aMi, futhi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade." Manje, Nkosi, lelo yiZwi laKho, Washo njalo.

186 Ngokwesayensi, bephule yonke imithetho, isayensi ithi awukwazi ukuphakamisa isandla sakho, amandla adonsela phansi asibambela phansi. Kodwa kukhona umoya kumuntu, angenza isinqumo futhi aphakamise isandla sakhe, ngoba kukhona umoya ombusayo, owephula imithetho yesayensi. Manje, uNkulunkulu wakhuluma, futhi baphakamisela isandla sabo ngakuMdali wabo. Baba waseZulwini, sengathi iZwi laKho

lingawela ezinhliziyweni zabo khona manje, esibelethweni senhliziyo yabo, futhi likhiphe, ngabo, uMlobokazi kaKristu. Siphe khona, Baba.

187 Kulaba abaphakamise isandla sabo ogulayo ngapheshey kwalesisakhiwo lapha, baphakamise izandla zabo ngoba beswele, bakholwa ukuthi Wena unguMphulukisi. Manje, ngikhuleka lomkhuleko wokukholwa, ngiyawuthumela, Nkosi, EGameni likaJesu Kristu, sengathi lokho kukholwa kungawela kuzo zonke izinhliziyo khona manje. Kwangathi iZwi likaNkulunkulu lingaba lapho ngokugcizelela kakhulu Lize liveze ukuphulukiswa kwawo wonke. Siphe khona, Baba.

188 Manje, futhi, ngithi ngalamaduku abekwe lapha, eBhayibhelini kuthiwa bathatha amaduku nezindwangu emzimbeni kaPawulu, kwasekuphuma imimoya engcolileyo kubantu, izifo zamuka. Manje, asisuye uPawulu oNgcwele, kodwa kwakungeyena owakwenza, ngoba kuye kwakukhona iZwi, UseyiZwi elifanayo.

189 Manje, Baba, ngesinye isikhathi u-Israyeli wanqunywa ezweni lesethembiso, kwakungumlobokazi wakho, Wawunaye endleleni eya ezweni lesethembiso, Wawumenzela indlela, isitha sangena endleleni, Wabuka phansi kuleyoNsika yoMlilo ngamehlo athukuthele, ulwandle lwesaba, lwahlehla, u-Israyeli waqhubeka wahamba.

190 Manje, Nkulunkulu, ungabuki ngeNsikeni yoMlilo, kodwa buka ngeGazi leNdodana yaKho uQobo, Eyafela lenhloso, futhi ngithumela iZwi laKho, kwangathi udeveli angesaba, sengathi angasuka, futhi sengathi lababantu bangafika kulesosithembiso sikaNkulunkulu, njengoba kwenza u-Israyeli, ngaphandle kokwehluleka, kwangathi bangeza kulesosithembiso esikhulu, "Phezu kwakho konke ngifisa ukuthi uphumelele empilweni." Siphe khona, Nkosi. Sengathi Lokhu kungenza umsebenzi esiKuthumela wona, sithi iZwi laKho angeke libuyele kuWe lilambatha, Lizokufeza lokho Elalihloselwe khona. Futhi ngikhuleka lomkhuleko wokukholwa ngalababantu, eGameni likaJesu Kristu.

191 Manje sisakhothamise amakhanda ethu, bangaki kini manje abazokwamukela lokho okushiwo, futhi ukholwe ukuthi iZwi likaNkulunkulu lize kuwe, futhi uyaLemukela, wonke umuntu ophakamise isandla sakho, akunandaba ukuthi besingesani, uzophakamisa isandla sakho, uthi, "Ngiyakholwa, ngiyakwemukela khona manje, ngikholwa ukuthi nginakho engikucelile"? UNkulunkulu akubusise, kuhle kakhulu lokho, kuhle lokho. UNkulunkulu akubusise. Ngethemba ukuthi iZwi likaNkulunkulu Liyagxila kuwe.

192 Manje, une, ngenkathi usakhothamise ikhanda lakho, unomelusi lapha, umfowethu othandekayo, ukuba eze lapha futhi enze i—isicashuno njengoba enzile emizuzwini embalwa

edlule. Umvangeli akafanele abe nakho konke akwenzayo emhlanganweni, ufanele umazi umelusi wakho, lendoda esaba uNkulunkulu. Ngijabula kakhulu ukufika kulababantu abaphakamisele izandla zabo ngalezizinto, futhi ngibanike lomelusi othandekayo. Mvumele akuholele manje ezehlakalweni ezijule ngokwedlulele zikaNkulunkulu ngokokuphulukiswa kwakho nangensindiso yakho. UNkulunkulu akubusise, Mfowethu, Melusi. [Umelusi ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Noma yini nje ofisa ukuyenza emva kokukhuleka.

